

INDLOVUKAZI YASENINGIZIMU

- 1  Ngiyabonga. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Don.
- 2 Ningahlala phansi. Kunjengoba nje ngisanda kufika lapha, manje kuyasho ubusuku bokugcina. Awu, lona kube ngumhlango ongeweylekile kakhulu engibe nawo esikhathini eside.
- 3 UnguMfowethu Babbs, awusiye na? Ngikubonile namhlanje phandle lapho ebesidla khona, futhi lapho sesiqedile, ngibengibuka laphaya, ngathi, “Lowo akusiye abangani bami base-El Dorado na?” Ngicabanga ukuthi kunjalo. El Dorado?
- 4 Futhi uMfowethu Jack uthe, “Impela kunjalo.” Futhi sixoxile lapho, kwase kuthi-ke, into yokuqala niyazi, ubusuhambile, angitholanga ukukuxhawula. UNkulunkulu akubusise.
- 5 [UMfowethu Babbs uthi, “Mfowethu Branham, ubudinga ukudla nokuphumula, hhayi ukuba ukhathazwe yithi.”—Umhl.] O. [“Sehlela ukuzokhonziwa, futhi sikhonzisiwe.”] Ngiyabonga, mfowethu, ngiyabonga. UMfowethu Babbs wase-El Dorado, omunye umfowethu oyiBaptisti... [UMfowethu Babbs uyakhuluma futhi.] Yebo. Yebo, mnumzane, nginjalo. [UMfowethu Babbs uyaqhubeka nokukhuluma. Akuqoshwanga eteyipini.]... lokho kuyamangalisa na?
- 6 Futhi ngiyakholwa ukuthi unamadodakazi amabili athandekayo. Futhi ngiyakhumbula enye yawo yaqala ukuqhubeka, ngolunye usuku, iya emsamo, futhi yayikade ishadile isikhathi eside, futhi ingenabantwana. Futhi ngenkathi iqala yenyukela emsamo, uMoya oNgcwele wangijikisa, wawusuthi, “Ufuna umntwana, futhi ISHO KANJE INKOSI, uzoba naye.”
- 7 Ngangilapho emahoreni ambalwa nje ngaphambi kokuba izalwe, futhi yayilapho-ke, yaba naye. Omunye ungitshele ukuthi inabathathu manje. Kuyamangalisa! Lokho yi... Uhlala njalo enikeza isilinganiso esihle, niyazi. Yebo. Lokho kuhle kakhulu. Awu, lokho kuhle kakhulu. Ngijabula kakhulu ngalokho. Ngine... .
- 8 Ngikholwa ukuthi lelo yiBhayibheli. Owesifazane onezinhlonipho ezenele ukukhulisa umntwana ngalezizinsuku, lapho benza konke okunye futhi bazame ukubasusa, ngi... uNkulunkulu uzokuhlonipha lokho.
- 9 Nginenenekazi enhla eCanada elali, ngikholwa ukuthi lineminyaka engamashumi amahlanu-nantathu noma amashumi amahlanu-nane ubudala, lalikade lishadile kusukela cishe lineminyaka eyishumi nesishiyagalombili,

babengenabantwana, futhi ngobunye ubusuku, kwakungenkathi uMfowethu Jack enami, nenenekazi lenyuka, bangabantu baseJalimane, ngiyalikhohlwa igama labo njengamanje, futhi lathi. . . leza emsamo, uMoya oNgwele wathi, “Ufuna ingane.”

“Yebo.” Ledlula unyaka, lalithi alibe namashumi amane-*mento*, amashumi amane-nesishiyagalombili, amashumi amane-nesikhombisa, amashumi amane-nesishiyagalombili ngaleyonkathi. Lathi, “Kunjalo.”

Ngathi, “Awu, uyogona indodana, ISHO KANJE INKOSI.”

¹⁰ Manje, bhekisisani njalo lokho, niyabo, ISHO KANJE INKOSI. Oyedwa umbono, yilokho engikubonayo, khonake engikubonayo Uyakwenza, yileyonto eyodwa engiyishoyo engiyibhekile, into elandelayo engiyishoyo ukuthi Uzokwenzani, niyabo. *Yilokhu* engikushoyo, *yilokho* Akushoyo, niyabo.

¹¹ Cishe iminyaka emibili noma emithathu yedlula futhi akwenzekanga lutho, lacabanga, “Awu, kukhona okungalungile.” Futhi laqala ukungabaza, lathi, “Awu, uMfowethu Branham akawubonanga nje umbono kahle.” O, yebo.

¹² Ngakho, lathi, emva kweminyaka emithathu noma emine yedlula, futhi lathi, “Ngiyazi ngeke ngibe nayo manje.” Lase likhuphukele le eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, noma ngaphezulu.

¹³ Futhi ngakho lona. . . Futhi ngifika ngedlula ngisuka enhla, enhla, nasenhla le enyakatho, iYukon ohambweni lokuyozingela, ngiyafika, futhi ngaba nomhlangano wobusuku obubodwa ezigodini ezincane ngidlula. Lapho ngifika kulelidolobha lapho lihlala khona, ngani, mina, iCalgary, futhi ngi. . . Lafika e. . . umyeni walo weza emhlanganweni, alizanga.

¹⁴ Ngase ngithi, “Uphi udadewethu na?” Futhi ngangingenalo ibhantshi langaphezulu, futhi wanikeza, wayefuna ukunginika elakhe, futhi angizange ngilithathe. Futhi wayemi emuva, ngathi, “Uphi udadewethu na?”

Wathi, “Mfowethu Branham, ubanjwe yiTB.”

Ngase ngithi, “O, he!”

¹⁵ Futhi ngama futhi ngambuka, futhi nje ngithi uku. . . Ufanele uzwe umuzwa wabantu. Awusoze wasiza noma ubani, ngaphandle uma ungena kukho ngqo kanye nabo, u—ufanele ungene ekuhluphekeni kwabo, uma ungakwenzi, uvele nje, uphumile nje. Ufanele ube nothando nento ethize ekwenza ubekahle nabo nje.

¹⁶ Futhi lokho kwangilimaza kabi kakhulu ukuzwa ukuthi wayenesifo sofuba. Ngabuka, ngathi, “Nakhu okukubangele: Wangabaza ngaleyongane.”

Wathi, “Mfowethu Branham, lelo yiqiniso impela.”

Ngathi, “Manje usechezukele ohlobweni oluthize lwemfundiso *egqamileyo* mayelana nokuphuza ojuzi, nezinto ezinjalo, ungadli noma yikuphi ukudla, futhi unga . . .”

Wathi, “Kunjalo impela.”

¹⁷ Ngathi, “Yilokho okumbambise ngeTB, umzimba wakhe awondlekile.” Ngathi, “Hamba umtshela ukuthi ngithe, ‘ISHO KANJE INKOSI: Ungakungabazi lokho.’ Angikhathali uma eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, usazoba nayo ingane.” Niyabo?

¹⁸ Futhi ngakho wabuyela emuva wayesemtshela. Futhi walahla amajuzi akhe futhi waqala ukudla ngokwejwayelekile, futhi wabuya, futhi wakukholwa. Futhi khona-ke nganginoMfowethu Fred Sothmann, ulapha ndawondawo. Sasi . . . Fred, kwakungubani igama lalabobantu na? [UMfowethu Sothmann uthi, “UDobble. Dobble.”—Umhl.] Dobble, futhi sasi, yayikuphi leyondawo lapho, phezulu le lapho ekupheleni kwezwe na? [“Prince Albert.”] Prince Albert, enhla ePrince Albert.

¹⁹ Nalona wesifazane wayesemdala kangako futhi wayezoba nalengane, nodokotela wayemangala ukuthi kwakuzokwenzekani, akacabanganga ukuthi wayengaba nayo. Ngakho ukukhombisa ukwethembeka kwabo, nemicabango yabo, bamfaka esitimeleni odabeni lwe-ambulensi, futhi bamenyusela kulowomhlangano ukubona ukuthi iNkosi iyothini. INkosi yakhuluma yase ithi, “Mtshela, buyela emuva, yena unomfana ozayo.”

²⁰ Awu, wayengasenalutho ngaphandle kokufika ekhaya waze wathola lowo omuhle, umfana omkhulu, futhi wayelapho-ke. Futhi le, usele eminyakeni yakhe engamashumi amahlanu, niyabo. Kodwa Akakaze ehluleke, lapho Esho noma yini, kuyoba ngaleyondlela nje, kufanele kube njalo.

²¹ Bengicabanga, ngabe uMfowethu Welch Evans ulapha na? Mfowethu Fred, ngabe ufikile yena na? [UMfowethu Sothmann uthi, “Qhobo.”—Umhl.] Akazange afike. Bengicabanga, lapha esikhathini esingaside esedlule, ukunikhombisa nje ukuthi kukula kanjani, ukuthi iNkosi ithanda kanjani, nokuthi Ithanda kanjani—kanjani ukuphulukisa, yena . . . sasideba ezansi eFlorida, saba nomhlangano ezansi eGeorgia, saqhubeka sehlela eFlorida ukuyodoba cishe izinsuku ezimbili.

²² Futhi loMnu. Evans ungumKristu wokuqina, umfowethu othandekayo; nomfowabo akasuye umKristu, ngakho, uphethe isitolo esidayisa izinto zokudoba. Saphumela ohlobweni oluthize lwemeno lapho lapho owawufanele uhale khona izinyoka endleleni, nezingwenya ezinkulu ukungena lapho esingadoba khona. Futhi umfowabo wayekade elunywe inyoka ekhehlezelisa umsila yomhlabathi. Angazi, angicabangi ukuthi ninazo eLouisiana, zingamashinga amancanyanyana. Futhi

zimbi ngempela, lapho ikuluma, iyakubulala, futhi ngakho, zimbi ukwedlula inyoka umlokotini.

²³ Futhi ngakho, lomfana wayelunywe ngenye phandle lapho, ungumdobu ngempela, futhi babemthumele esibhedlela. Futhi cishe izinyanga ezintathu, ngiyakholwa, kwakungesikho, Mfowethu Fred, wayelele esibhedlela na? Ngaleyonkathi wayese, insimbi enkulukazi ngaphansi komlenze wakhe ehambahamba, babecabanga ukuthi wayezolahlekelwa umlenze wakhe uma engalahlekelwanga ukuphila kwakhe, futhi kwakukubi kakhulu.

²⁴ Awu, mina, iNkosi yayingibusisile, futhi ngangibambile, o, inhlanzi ibass, ezinkulukazi, futhi mina, ngijabule kakhulu ngakho. Futhi ngangenkulu elayinini engingakwazi ngisho nokuyibamba. Futhi yayivele nje, iyogxuma, futhi wawufanele uyiphakamisele esigxotsheni, futhi yayithintitha isicupho siphume emlonyeni wayo, futhi ngangiphosa emuva leyoplasitiki esafishi encane, futhi yayithola okwesithathu. Awu, wonke umuntu waphonsa uthi lwakhe phansi, futhi wagijimela phezulu lapho. Futhi—futhi ngathi, “Angikwazi nje ukuyibamba.”

²⁵ Ngakho ngayiyeka yaphumula kancanyana ngase ngikuzama futhi. Futhi ngi... Enye, eyayingaba nesisindo esingamaphawondi ayishumi nambili, ayishumi nane, nalena yayibukeka cishe amaphawondi ayishumi, noma ayishumi nanye, futhi ngangiyibambile, ngathi, “Leyo akusiyo.”

²⁶ Kodwa ngenkathi ngiyidlalisa, ngangiyikhuphulela ogwini, uMfowethu Evans lapho efigqe imilenze yebhulukwe, futhi akesebi lutho, futhi ngakho-ke, wathi, “Awume kancane, Mfowethu Branham,” inqwaba yemigxusho nezinto, wathi, “Ngizokuthathela yona.”

Ngase ngithi, “Awu, lokho kulungile.” Ngathi, “Ngizovele ngiyihudule nje, uma iphuma asinandaba.”

Ngakho wathi, “Ngizoyithola.”

²⁷ Wavele wangena nje, futhi cishe ngalesosikhathi inyoka ekhehlezelisa umsila endadlana, yayilele ngaphansi kwenye yaleyomigxusho, yambamba onyaweni ngqo. Angikaze ngiyizwe indoda imemeza *kangako* empilweni yami. Futhi ngenkathi igxuma iphuma emanzini, yase idumela umlenze wayo, futhi yawela ngale ogwini *kanjalo*, o, kuyakukhubaza nje ngomzuzwana nje, ngalubamba unyawo lwakhe, ngabuka, cishe ngokwehlukana nge-intshi kwakuyizimbobo ezimbili, negazi ligobhoza liphuma kuzo. Ngadumela isibhamu sami, ngase ngibheka inyoka enomsila okhehlezelayo, futhi ngayibona yehla idlula okhuleni *kanjalo*, angikwazanga ngisho ukuyidubula, futhi yayingasekho.

²⁸ Futhi ngacabanga, “O, he!” Futhi akukho-muntu owayenami ngalesosikhathi, selokhu... kodwa... lokho bekungangisiza, uBilly Paul omncane wayelapho. Futhi

ngangifanele ngimthwale emhlane wami cishe amamayela amabili ngidabula kulowomeno, namanzi nje, futhi wenyuke, cishe impela, ngezinye izikhathi ucishe ube ngaphezu kokujula kwedolo, futhi esinda cishe, cishe amakhulu amabili, ngakho ngangazi ukuthi kwakuzoba l'khuni ukumdonga ngidlule kulokho.

Ngakho ngacabanga, “Singenzenjani na?”

²⁹ Futhi nje wayeququda amazinyo akhe, edonsa umoya ethi, “*Swi! Wewu! Swi!*” Nezinyembezi zehla esihlathini sakhe, wayesethi, “Mfowethu Branham, umlenze wami ukhubazekile.” Kuqonda ngqo ethanjani, niyazi. Futhi wathi—wathi, “Umlenze wami ukhubazekile.” Nje ebambe amazinyo akhe *kanjalo*. Wathi, “Kuzwakala sengathi kumakhaza yonke indlela kwehle njalo.”

Futhi ngacabanga, “O, bakithi! Ngingenzenjani na?”

³⁰ Futhi ngaleso sikhathi nje ngezwa lowomBhalo, “Bayakunyathela amakhanda ezinyoka nawofezela, akukho lutho oluyakubakhathaza.”

³¹ Ngakho, ngavele ngakhumula isigqoko sami, ngase ngithi, “Manje, zama ukuba lula nje ngakho konke ongakwenza, Mfowethu Welch, ukuze ngikwazi ukubamba izandla zami phezu kwalokhu kulunywa.” NoBaba waseZulwini uyazi ukuthi yiqiniso.

³² Kwase kuthi-ke ngenkathi ngibeka isandla sami phezu konyawo lwakhe lapho, futhi, ngathi, “Baba, UluSizo olukhona impela esikhathini senkathazo, futhi Awukaze usehlulekise. Futhi umfowethu ulunywe yilenyoka, futhi kulotshiwe eZwini laKho ukuthi bayakunyathela phezu kwamakhanda ezinyoka nawofezela, futhi akukho lutho oluyakubalimaza, futhi Lithi, ‘Uma bephatha inyoka, ayisoze yabalimaza.’ Ubezama ukungisiza, nalenyoka embi yambamba. Manje, Wena uyiNkosi, uJesus kulolusebe, lapha sidoba, uma Ubungenjalo, bengingasoze ngiyodoba, futhi ngiyazi ukuthi Wena ulapha. Futhi ngiyaKucela ukuba ube nomusa kithi, futhi—futhi ususe lophoyizeni wenyoka emlenzeni wakhe.”

³³ Futhi ngayeka ukukhuleka, futhi angibange ngisamuzwa ezwa ubuhlungu. Futhi lapho sengiqedile ukukhuleka, wayehlezi lapho ehleka, futhi wathi, “Mfowethu Branham, anginabuhlungu.” Wathi, “Konke sekuhambile.” Futhi wasukuma wayesehambahamba.

³⁴ Cishe ngeleshumi nanye nqo ngalokho kuhlwa, ngangibambe izinhlanzi amabass ayishumi nanye ayesinda, ngokwesilinganiso, cishe, amaphawondi ayishumi nambili iyinye, futhi nga—futhi ngazingenisa, futhi babeza ngapha bethatha izithombe zazo endaweni yokukhempa izivakashi lapho. Nomfowabo wenyuka, ngakho saqala ukufakaza ngakho. Nomfowabo, isoni, wathi... wayekade esesibhedlela, niyabo. Kuhle ukuba ngumKristu. Niyabo? “Labo abakhulwayo

bayakunyathela amakhanda ofezela nezinyoka,” akashongo lutho ngongakholwayo. Niyabo? Kodwa lendoda yayiyikholwa.

³⁵ Futhi umfowabo wathi, futhi wamkhombisa izindawo lapho lapho... wathi, “Manje buka, mfowethu, kuhle ukuba ngowenkolo, kodwa akukuhle ukuhlanya.” Wathi, “Kungcono uye esibhedlela ngokukhulu ukushesha ongakwenza,” wathi, “thola umjovo othakwe ngohluzi lwesilwane, ngoba uma ungawutholi,” wathi, “ungakhubazeka konke ukuphila kwakho, futhi ungafa noma nini.”

³⁶ Wathi, “Lokho kwenzeka kulokhu ukusa cishe ngeleshumi nqo, futhi lokhu kungemuva kweleshumi nanye kulobubusuku, uma umjovo othakwe ngohluzi lwesilwane uNkulunkulu enginika wona kulokhu ukusa ukumisa ubuhlungu obubambe isikhathi eside kangaka, uzongigcina ngiqhubeka.” Ngakho, kwaku... Ngakho, usalokhu ubambelele, lokho sekube yizinyanga, nezinyanga, nezinyanga ezedlule, akukho-mphumela omubi. Ukukhombisa nje ukuthi UseyiNkosi uNkulunkulu, umangalisa kakhulu.

³⁷ Ngiyakwazi lokhu, ngithatha isikhathi, futhi asifuni ukuhlala isikhathi eside kakhulu kulobubusuku, ngizokhuluma nje imizuzwana embalwa. Kodwa nginesinye nje isicelo engingathanda ukusicela. Into eyodwa, ngaphambi kokuba ngicele lesisicelo esikhethekile kakhulu, kuzoba, mhlampe, kulonyaka ozayo ngizoba phesheya kwezilwandle kakhulu, iNkosi ithanda, ngokuba ngiyezwa ukuthi uma kukhona lonyaka, futhi ngiphilela ukukubona kulonyaka ozayo, ngizobe ngenza uhlu lwami lohambo khona manje. Futhi iviki likaKhisimusi yilapho sikhulekela khona zonke izicelo futhi sibone ukuthi iNkosi izosiholela kuphi. Futhi mhlawumbe ngizoba phambi kwezinyanga-bathakathi, nakho konke, njengokwejwayelekile, lapho siya phesheya kwezilwandle. Nginganicela ukuba ningikhulekele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

³⁸ Ngifuna ukusho ukuthi lona kube ngomunye wemihlangano egqame kakhulu engake ngaba kuyo. Into eyisimanga kunazo zonke yenzeka. Ngiyabathanda abantu eShreveport, ngingumelusi ohambisana nani, niyazi. Kodwa kade ngingekho lapha cishe iminyaka emihlanu, futhi nje ngihamba nje kanzima njengoba ngangingahamba, imini nobusuku. Futhi cishe ezinyangeni ezimbili ezedlule ngaqala, iShreveport ifika enhliziyweni yami, futhi nje angikwazanga ngisho nokuphumula imini nobusuku. Futhi kwaze kwaletsa ngisho kwaze kwaba ngolunye usuku ngangihlezi lapho ngicabanga kanzima ngakho, ngaqala ukukhala izinyembezi.

UMeda wathi, “Yini indaba na?”

Ngathi, “Ngilambele kakhulu ukubona iShreveport.”

Wathi, “Awu, yini indaba na?”

Ngase ngithi, “Meda, mhlawumbe kukhona okungalungile ezansi lapho. Ucabanga ukuthi sifanele sishaye ucingo na?”

³⁹ Futhi, “O,” wathi, “Uma lapho, ngicabanga ukuthi uma—uma bekukhona, bebeyokubiza, Bill.” Wathi, “Uyazi ukuthi iNkosi ibilokhu ikukhombisa kanjani, ngenkathi uDadewethu Moore efa, futhi wawusendleleni yakho lapho, nokuthi waphuma kanjani futhi wakhuleka, nezinto ezehlukene, nokuthi izinto Uzenze kanjani.” Wathi, “Ikhona into Akukhombise yona na?”

Ngathi, “Qhabo.”

⁴⁰ “Awu,” wathi, “uma kukhona okwenzekile, bayokubiza.” Wathi, “Uma uhamba ubiza kanjalo, kungahle kubaphazamise futhi bacabange ukuthi kukhona okuzokwenzeka.” Ngakho, wathi, “Awukuyeki ngani nje na?”

Ngathi, “Awu, angikwazi nje ukuyeka ukukhuleka, ngandlela thize. Ngivele ngibe nesizungu kakhulu.”

⁴¹ Futhi ngahlangana noMfowethu Jack, futhi wathi, “Awu, sithola isizungu sokukubona.” Into yokuqala niyazi, uDadewethu Moore wayekade engobuso bakhe isikhathi eside, ekhuleka, noNkulunkulu wayemkhombisile lomhlangano ozayo.

⁴² Khona-ke ngase ngivele ngiwenzile amalungiselelo nabanye abantu beBaptisti okwe—kwesikhathi. Futhi i, ngenkathi uMfowethu Moore ethi bekungalesisikhathi, ngehla futhi ngababuza. Futhi ngumelusi, noma, ibandla, engangivame ukulelusa eMilltown, e-Indiana, iMilltown Baptist Church. Impela abafuni neze ukunikela leyonto yaminyaka yonke ekuBongeni. Kodwa ngathi, “Bazalwane, iNkosi ingiholela eShreveport. Ngani, angazi, kodwa ngifanele ngiye eShreveport.”

Bathi, “Awu, uma kunjalo, qhubeka, futhi iNkosi ibe nawe.”

⁴³ Ngijabula ngempela ukuthi ngikwazile ukufika, kube yinto egqamile kimi, ukuthi iNkosi ibusise kanjani ubusuku ngabunye, futhi yenze izinto ezinkulu.

⁴⁴ Kunento eyodwa engifanele ngithole ngayo ngaphambi kokuba ngihambe, kungenjalo ngeke ngizizwe ngingelisekile kakhulu. UBilly, uLoyce, nabo njalonjalo uthi kimi, “Awuzi ngesikhathi esifanele.” Awu, a—angazi ukuthi kungani.

⁴⁵ Ngakho, kulobubusuku, uBilly uthi isizathu sokuba kube njalo, uthe uDadewethu Anna Jeanne wenze iculo, wabhala iculo ngokuthi *Ngiyakuthanda Jesu*, noma okuthize. Angazi noma bengingalizwa yini ikhorasi elincane lalokho ngaphambi kokuba ngishumaye. Ningakuthanda lokho, nikujabulele kanye nami na?

⁴⁶ Yiliphi leloculo na? [Umfowethu uthi, “*NgiyaKubonga, Jesu*.”—Umhl.] *NgiyaKubonga, Jesu*, yilokho-ke. Yilokho-ke, *NgiyaKubonga, Jesu*. Ngingathanda ukulizwa.

Ningathanda ukulizwa kanye nami na? Ngifuna nje imizuzu embalwa... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Angikholwa... [Akuqoshwanga eteyipini.]

⁴⁷ Manje, ngizobhala, ngitshele uMfowethu Outlaw kungcono azilolonge kulelo *Phezulu, Phezulu, Phezulu*. Gcina lokho kuqhubeka, Dadewethu Anna Jeanne, lokho kulungile. Ungumkhulumeli, umcwaningi wamabhuku, futhi angazi ukuthi yini konke, futhi manje useyimbongi, umbhali wamaculo. Kuhle lokho.

⁴⁸ Futhi ngi...UMfowethu Moore ubengitshela nje ukuthi ufika kanjani, futhi, “Wangilethela izindlela ezinde kakhulu ukusuka...?...” Lokho kuhle kakhulu. Niyazi kuthatha inhliziyo ukukhalela into ethize ukukwenza kube yikho ngempela. Niyabo? Yilokho-ke, lapho inhliziyo ikhala kakhulu.

⁴⁹ Awu, ngiyaniibonga nje ngakho konke ukubambisana kwenu, ngakho konke, konke enikwenzile. UNkulunkulu anibusise. Futhi ningikhulekele manje. Futhi sizokhulekela abagulayo emizuzwaneni embalwa nje. Futhi ngi—nginamaduku lapha, kodwa, ukuba ngiwakhuleke. Futhi inenekazi eliyikhaladi lingitshela ukuthi beliphethe iduku phakathi lapha lothandiweyo, futhi lihlezi eduze kwenenekazi. Niyazi, noma ubani, woza, ubuke phezulu phakathi lapho, ungeke usho noma labobantu bayikhaladi noma abamhlophe ulapha. Kunjalo. Kodwa uMoya oNgcwele wawunalabobantu phandle lapha bephuma lapha phambi kwami, futhi yingalesosizathu ngazi ukuthi bebengamakhaladi, abantu abangamakhaladi.

Omunye wathi, “Manje, ubungababona kanjani phezulu phakathi *lapho* na?”

⁵⁰ Ngathi, “Angizange ngibabone, ngibabone phandle *lapha*.” Niyabo? Kunjalo. Phandle *lapha* yilapho obekukhona. Futhi bebehlezi lapho ngokukholwa bekhola, noNkulunkulu wenza umsebenzi, yilokho kuphela. Kuthatha lokho kuphela, yiba nokukholwa nje, futhi ukholwe.

⁵¹ Futhi manje, uma noma ngasiphi isikhathi ngingakhulekela phezulu kweduku, kumbe noma yini yakho, vele ungibhalele eJeffersonville, futhi ngizojabula ukuyibuyisela kuwe ngqo, mahhala, akubizi lutho. Futhi masinya sithola izincwadi ziphuma, futhi mina, uMfowethu Jack ungitshelile, angithandi ukumemezela imihlangano yami uqobo e—endaweni ethize kanje, kodwa manje, uma unabanye abathandekayo abaseduze kwaseJeffersonville, ngeviki elizayo, kuqala ngeSonto elizayo, eTabernakele I, ngeSonto elizayo ekuseni, ngithatha isahluko 1 seSambulo ukunikeza ukuhleleka, ukwembulwa kweSambulo.

⁵² Manje, *isambulo* egameni lesiGriki sisho njengokuthi, “ukususa i—indwangu esithombeni esiqoshiwe, u—ukusembula.” Niyabo? Futhi lokho *UKwembulwa KukaJesu Kristu EmiNyakeni YeBandla EyisiKhombisa*. Futhi ngibhala

ukuhlaziya okuncane ngakho. Angikwazi ukukubhala, kusobala, kodwa ngifanele nje ngikukhulume ngaphansi kokuphefumulelwa, njengoba ngikwemukela, bese kuthi-ke, kusobala, bazokuteyipa ngozibuthe, bese kuthi-ke kusukela lapho kuzoya ekufinqweni, ukufinqwa kuye ekushicilelweni. Futhi manje, sizoba namateyipu, kanti futhi sizoba—zoba—zoba nakho ngesimo sencwadi masinya impela, iNkosi ithanda. Bese kuthi-ke mhlawumbe ngesikhathi esilandelayo ngiyehla sizoba nabo.

⁵³ Ngakho, uma ungalapho, noma yimuphi wabathandekayo benu, batshele ukuba bangene. Manje, si—sizama ukuthola indawo eyenele ukunakekela abantu, ngoba ngisanda kumemezela khona lapho nje, kodwa sesivele sizwile ngiyakhohlwa ukuthi zingaki izifundazwe ezizungezile, niyabo, ukuthi abantu bayangena, sebevele banazo izindawo ezibekelwe ukuhlala, behlala iviki kanjalo.

⁵⁴ NgoMsombuluko ebusuku kuyoba sebandleni lase-Efesu, bese-ke kuba yiSmirna, neSardesi, futhi kwehle njalo, iThiyathira, kwehle njalo kuze kuyofika ngeSonto ekuseni, iviki, ngizobe ngikhuluma ngebandla laseLawodikeya. Futhi phakathi kwalapho, ukuthi kukanjani ukuthi kunomnyango ovuliwe obekwe phakathi koNyaka weBandla laseFiladelfiya nowaseLawodikeya, futhi lowo ngumnyango esifuna ukukhuluma ngawo, kuwo, kuleyonkonzo. Manje iNkosi inibusise, futhi ningikhulekele.

⁵⁵ Manje ngaphambi kokuba sisondele eZwini elikhulu, iZwi likaNkulunkulu, iZwi elingenakuphosisa... Ukukholwa kwami kwakhelwe ngesizotha phezu kwaleliZwi. Lapho leliZwi likusho, khona-ke ngi—ngiyakukholwa nje, a—angizami ukwengeza noma yini kukho, noma ngisuse noma yini kukho.

⁵⁶ Futhi kulokhu ukusa ngi—ngingahle ngidingeke ngixolise kulaba, abanye balababantu abakahle lapha ngokunye kwalezoziphawulo eziluhlaza mayelana neminyuzi iyivezandlebe. Kodwa bengingaqondile ukuba luhlaza noma ukuthuka okungcwele, kodwa bengizama nje ukwenza iphuzu. Niyaqonda, aniqondi na?

⁵⁷ Noma yini, umnyuzi, o, he, yilokho umuntu akwenza. Niyabo? Awukwazi—awukwazi ukubuya, a—a—angeke uqhubekele phambili. A—a—awazi ukuthi ubani ubaba wawo, umama, nje a—nje a—nje awunathemba, yilokho kuphela, yilokho kuphela. A—angeke uphinde uzizale futhi, ngakho uvele nje... Kodwa niyazi, uma noma yini, awuna... Uyolinda sonke isikhathi sawo sokuphila uthole ukukukhahlela ngaphambi nje kokuba ufe, futhi ukubulale, uma ungakwazi, impela uzokwenza. U—uyolinda nje sonke isikhathi sawo sokuphila, uqhiyeme, ulindile nje, “Ngizokuthola ngemuva kwami, ngolunye usuku.”

⁵⁸ Futhi yileyondlela nje inqwaba yabantu ebandleni injalo. Kunjalo. “O, ngizokumbambatha emhlane, ngize ngithole ithuba lokunquma umphimbo wakho.” Niyabo?

⁵⁹ Kodwa niyazi, ngiyalithanda ihhashi, anilithandi na? O, ikakhulukazi ihhashi lohlobo, lelo e—elazi okhokho balo—balo, ukuthi bangobani, bavelaphi, kusukela kubaba, umama, umkhulu, ukhokho, ukhokho-kakhokho, konke emuva le, liyalwazi uhla lwalo lwegazi. Ungabeka ithemba elithile kulo.

⁶⁰ Kungaleyondlela ngo—ngomKristu. Kuyi... Ngithanda umKristu wohlobo, umKristu ozelwe nguMoya oNgcwele, hhayi ngesivumokholo esithize, kodwa uyazi ukuthi uvela kumuphi umgudu weGazi. Ungowoqobo, owohlobo, iPentecostal yonke indlela, uzelwe nguMoya oNgcwele, yonke indlela emuva ePhentekoste, isehlakalo sakhe, ngiyakuthanda lokho, umKristu wohlobo. Uyazi ukuthi uvelaphi, uyazi ukuthi Ungubani uBaba wakhe, Ungubani uMama wakhe, Ungubani uMsindisi wakhe, nokuthi Ungubani uNkulunkulu wakhe. Amen. Owangempela, umKristu wohlobo, ngiyakuthanda lokho. Futhi ngakho, yilowo umehluko.

⁶¹ Umnyuzi, awazi, uvele umise amadlebe awo, futhi angeke ufunde lutho, awazi lutho, futhi, uyinunu, kulungile.

⁶² Manje, niyalithanda iZwi leNkosi na? O, he! Kuyamangalisa.

⁶³ Manje, ngizokhuluma kulobubusuku ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, iNkosi ithanda, kancane ngakulowomugqa. Kodwa asiphenye manje, kuMathewu isahluko 12 okwendikimba encane, bese kuthi-ke kulena sidonse ingqikithi, iNkosi ithanda. UMathewu isahluko 12, futhi manje asiqale ukufunda evesini 38 likaMathewu isahluko 12, kinina enibhala phansi indikimba. Njengoba izikhathi eziningi abantu emihlanganweni benza, babhala phansi indikimba, futhi—futhi bayigcine kanjalo engqondweni yabo, khona-ke lapho bethola amateyipu bayakubuyekeza, kanjalonjalo.

Kwase kuphendula abathile kubabhali nabaFarisi, bathi, Mfundisi, sithanda ukubona isibonakaliso esenziwa nguwe.

Kepha waphendula wathi kubo, Isizukulwane esibi nesiphingayo sifuna isibonakaliso; kepha akuyikubakho sibonakaliso... esiyokunikwa, kuphela isibonakaliso sikaJona umprofethi:

Ngokuba njengalokhu uJona wayenezinsuku ezintathu nobusuku obuthathu esiswini so... esiswini somkhomo; kanjalo-ke neNdodana yomuntu iyakuba-sebuthunjini bomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.

Amadoda aseNineve ayakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, asilahle: ngokuba aphenduka

ngokushumayela kukaJona; futhi, bhekani, kukhona lapha omkhulu kunoJona.

Indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma... ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.

Asikhothamise amakhanda ethu manje, sisakhuluma noMqalisi.

⁶⁴ Nkosi enomusa, lamaZwi akopishwa ngumbhali, uMathewu. YiZwi laKho uQobo, futhi siyazi iZwi laKho lingukuPhila. Kungukulahlwa kongakholwayo, nokuPhila kuye okholwayo.

⁶⁵ Siyakhuleka, Nkosi, uma bekhona abangakholwayo, ukuthi bazoba ngamakholwa kulobubusuku. Uma ekhona ogulayo, kwangathi bangaphulukiswa. Uma kukhona abakhandlekile, kwangathi bangajabula; bengenanjabulo, ukujabula konke kuphuma emithonjeni yabo, kwangathi uthando lukaNkulunkulu lunamathelise lowomthombo futhi, nemvula kaNkulunkulu ithululele kuwo. Siphe khona, Nkosi.

⁶⁶ Sithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo. Futhi sizocela, Nkosi, ukuthi Uzosemukela njengezincedu zaKho. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosinika uvuthondaba olukhulu kulezizinsuku ezimbalwa zenkomfa nemihlangano lapha. SiKubonga kanjani ngalokho osekuvele kwenziwe!

⁶⁷ Futhi manje, sicela ukuthi akuzukubabikho noyedwa umuntu obuthakathaka osele phakathi kwethu, obuthakathaka ngokomoya, noma obuthakathaka ngokomzimba. Kwangathi amandla avusa uJesu Kristu ethuneni, angangena kuzo zonke izinhliziyu kulobubusuku, anikeze ukukhululwa esonweni nasekungakholweni, anikeze ukukhululwa ekuguleni nasekuhluphekeni. Futhi kwangathi singabeka konke okuncane eceleni, sibheke ngqo eKalvari manje, futhi semukele izibusiso zikaNkulunkulu.

⁶⁸ Ngikhulwa ukuthi lomhlangano wageotshwa nguWe. Futhi ngikhulwa ukuthi izinto zizovela kulomhlangano esingakaqondi namanje, kodwa ngezinsuku ezizayo, ukuthi sizobona ukuthi lomhlangano walethwa ukuhlakanipha okuninginingi kukaNkulunkulu. Izithunywa zenkolo zizosuka lapha, yiba nazo, Nkosi. Ubizo lunikezwe abantu, izibonakaliso ezinkulu nezimanga zeNkosi evukileyo sekwenziwe, imimoya eyayiphezu kwabantu ezinsukwini ezedlule enayisebenzisayo izibonakalisile phakathi kwethu, ikakhulukazi uMoya oNgewele.

⁶⁹ Baba, sikhulekela ukuthi Uzobusisa uMfowethu Moore, uDadewethu Moore, nawo wonke lowo okuxhumene nalelitabernakele, bahole futhi ubaqondise. Wonke umfundisi,

isithunywa senkolo, noma yini kulesisakhiwo kulobubusuku, noma oke waba phakathi lapha, kwangathi ngabe bemukele into ethize ezobafaka ugqozi ukuba baqhubekele phambili ngokushesha, ngokuba ihora liyasondela.

⁷⁰ Khona-ke isikhathi sizofika lapho okungeke kusabakhona umsebenzi esingawenza, masinya uzonqunywa kithi, njengoba sibona isithelo sincipha, uMvini uhlanjululwa. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha lezizibusiso ngoJesu Kristu iNkosi yethu, siyakucela, eGameni laKhe. Amen.

⁷¹ Ngifuna ukusebenzisa amagama amahlanu endikimbeni: *INdlovukazi YaseNingizimu*.

⁷² Omunye angahle athi, “Awu, akulona yini lolohlobo lwendikimba encane yenkonzo yakho yokuvala na?”

⁷³ Yebo, wuhlobo lwendikimba encane, lelo yiqiniso, kodwa ngokuphuma eBhayibhelini yilokho okukwenza kube kuhle. Niyabo, akusibo ubungako bayo, yikhwalithi yayo; hhayi ubungako, yikhwalithi.

⁷⁴ Njengoba bengihlale ngisho, umngane omncane ngesinye isikhathi, efunisisa ekamelweni eliphansi kopahla endlini enesitezi, wangena etrankini endala, futhi wathola isitembu esincane sokuposa ukuthi, futhi wacabanga ukuthi wayezothola usheleni ngaso enzele u-ayisikhilimu. Futhi wayesisa kumqoqi wezitembu, futhi wamnika idola, lokho kwenelisa umfana omncane. Futhi ngakho, umqoqi wezitembu wasithengisa ngamakhulu amadola, futhi manje ngicabanga ukuthi siya emakhulwini, aphindwe ngamakhulu amadola, esidadlana, isitembu esiphuzi. Manje, maqondana nephepha, lalingenamsebenzi walutho, kodwa yilokho okwakusephepheni okusho okuthile.

⁷⁵ Manje, *INdlovukazi YaseNingizimu* amagama amahlanu nje, futhi akusilo iphepha okubhalwe kulo, kuyinani leZwi elilotshwe ephepheni. Lonke iBhayibheli nganikwa nguMfowethu Kidson eminyakeni eminingi eyedlula, neBhayibheli cishe beliyobiza cishe amadola angamashumi amabili nanhlanu, iBhayibheli iScofield. Kodwa kungukuthi, *Leli* lapha lizoxosha phakathi kokuPhila noma ukufa kithi; futhi kuLelo kukhona ukuxolelwa kwawo wonke umuntu oKuzwayo, futhi kungukulahlwa kulabo abangaLizwayo.

⁷⁶ Ngesinye isikhathi u-Abraham Lincoln omkhulu wabizwa ukuba athathe isinyathelo. Indoda yayigwetshelwe ukufa ukuba ife ngaphansi kweqembu labadubuli ngenxa yokuhlama umbutho wamasosha, noma okuthize, wayenalokho ababekubiza ngokuthi, “wagijima wawela igquma,” noma wenza icala lezempi, futhi wagwetshelwa ukufa. Nendoda nje yayinivalo futhi yesaba, futhi yagwetshwa, nokho, ngabanye ojenene abanonya, noma okuthize, ukuthi yayizofa.

⁷⁷ Umngani omuhle wayo waphuthuma kuMnu. Lincoln, futhi lapho ephuma enqoleni yakhe engena ekamelweni lakhe, wamtshela, “Lendoda iyindoda elungileyo, iyindoda engumKristu ngisho. Futhi yona—yona, uMnu. Lincoln, ungumKristu, futhi izofa! Izofa kusasa ekuseni phambi kweqembu elidubulayo. Mnumzane, wena ungumKristu, futhi usazi isimo salendoda, yayingaqondile ukwephula noma yimiphi imithetho, yayasaba ngenkathi ingena empini. Nguwe kuphela ongayisindisa.”

UMnu. Lincoln wavele wahlwitha isiqephu sephepha, wabhala lapho, “Uxolelwe. Abraham Lincoln,” walibuyisela emuva.

⁷⁸ Futhi ngakho ngenkathi efika ezitokisini zasetilongweni lapho umngane wakhe wayelindile, wathi, “O, makabongwe uNkulunkulu, uxolelwe! UMnu. Lincoln ukuxolele.”

⁷⁹ Ngakho, uyaqalaza, ubuka iphepha, wathi, “Kungani uhlekisa ngami manje, ngibe ngilungela ukufa ngaphansi kweqembu labadubuli na?” Wathi, “Lowo akusuye u-Abraham Lincoln.” Wathi, “Leyo akusiyo isayini yakhe—yakhe. Ukuba benginokuxolelwa okuvela ku-Abraham Lincoln,” wathi, “bekuyo, ngani, bekuyobhalwa, futhi kubekwe uphawu, nakho konke.” Wathi, “Qhabo, lokho akukho ohlobweni olufanele lwephepha.” Wathi, “A—angeke ngikwemukele lokho.”

⁸⁰ Ngakusasa ekuseni indoda yafa, njengoba yayigwetshelwe ukufa. Manje, lapha lendoda iphethe ukuxolelwa ngu-Abraham Lincoln ukuba angadutshulwa, yase-ke idutshulwa. Kwathethwa icala ezinkantolo zamazwe, futhi nasi isinqumo sabo: “Ukuxolelwa akusikho ukuxolelwa, ngaphandle uma kwemukelwa njengokuxolelwa.”

⁸¹ Lelo yiZwi likaNkulunkulu, Lingukuphulukisa kulabo abangaLemukela njengokuphulukiswa, kodwa hhayi ukuphulukiswa kulabo abangenakuLemukela njengokuphulukiswa; Kungukuxolelwa kwesono kulabo abakholwa ukuthi bathethelelwe isono, kodwa aLisizi kulabo abangeke baLemukele ngaleyondlela.

⁸² Isithembiso sikaMoya oNgewele siyisiqiniseko kuwe ukuthi uzoWuthola uma uwemukela ngaleyondlela, kuncike esimweni sakhosokuziphatha ngaseZwini. IZwi liyi, hhayi iphepha, liyincwadi nje, kodwa ngu—nguKristu ebonakaliswe ephepheni. Kuyilokho-ke. UNkulunkulu, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.” Niyabo? NamaZwi aKhe anguMoya nokuPhila.

⁸³ Semukela nje iZwi laKhe njengoba nje kwakunguYe qobo lwaKhe. Lapho ngibona isithembiso saKhe, kimi lowo nguKristu, ngiyasingatha. Angeqambe amanga. Ki—kimi lelo yiqiniso impela. Niyabo? Ngingahle ngingazi ukuthi

ngingakubamba kanjani, kodwa kuyiqiniso, futhi ngibambelela nakho ngqo ngoba kunguKristu kimi.

⁸⁴ Endikimbeni yethu, kulobubusuku, sithola uJesu ethethisa futhi esola isigejane sabantu ababengqabe ukukholwa ukuthi WayenguMesiya, nakuba Wayenze izibonakaliso eziningi zobuMesiya phakathi kwabantu. Futhi babeMbize nje ngamavesi amabili angaphambili emva kwaleli, uBelzabule, futhi Wathi, “Uma niNgibiza ngegama elibi, Ngizonithethelela. NiyaNgibona ngenza. . .” Ake ngithi ukuhumusha ngalendlela, ukuze nizokuthola engikuqondile, “NiyaNgibiza, lapho Nginikhombisa imisebenzi kaNkulunkulu, niNgibiza ngoBelzabule.” Manje, u*Belzabule* unjengombhuli, udeveli. “NiNgibiza ngoBelzabule, Ngizonithethelela ngalokho,” niyabo, “kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza into efanayo, futhi ukhuluma ngokumelene naLokho, akusoze kwathethelelwa kulelizwe, noma nasezweni elizayo.”

⁸⁵ Nabo ubucayi balokho esidlula kubo ngakho namhlanje. Niyabo? O, Yena, futhi Wabasola ngoba babengaMemukelanga, futhi emva kokuba Eseyenzile imisebenzi kaNkulunkulu, futhi wakhombisa ukuthi WayenguMesiya.

⁸⁶ Manje, uma Akhuluma lawomaZwi, Ayiqiniso uqobo. Khona-ke kulolusuku esiphila kulo, lapho uMoya oNgcwele ofike khona, futhi uphinda wenza imisebenzi efanayo futhi, niyabona ukuthi simi kuphi kulobubusuku na? Kuyi—kuyinto embi kabi ukucabanga ukuthi abantu namhlanje basayobiza umsebenzi kaNkulunkulu ngodeveli. Futhi uJesu wayebasola.

⁸⁷ Manje, uma sizobuyela emuva kancanyana eBhayibhelini, sizothola ukuthi uNkulunkulu kuyo yonke iminyaka, ngazo zonke izikhathi ubeneziphiwo eBandleni laKhe. Asikaze sibekhona isikhathi ngaphandle kokuthi uNkulunkulu, lapho Engena eBandleni laKhe, izinto ezingaphezu kwemvelo ziyenzeka.

⁸⁸ Ngiyazi ngikhuluma nosomlando, uMfowethu Moore ungomunye wabo, kahle njengoba bengilokhu ngazi ngaye, qobo lwakhe. Futhi noma ngasiphi isikhathi iBandla elake laba nemvuselelo ngaso, njalo isibonakaliso sokungaphezu kwemvelo sisemhlanganweni: UNkulunkulu uphulukisa abagulayo, ukhuluma ngezilimi, futhi wenza ezinye izimangaliso nezibonakaliso, ngaso sonke isikhathi abake baba nemvuselelo. Futhi ngisho nangaphambi kokufika kukaKristu, ngaso sonke isikhathi uNkulunkulu athumela ngaso okungaphe. . ., noma, umnyakazo phakathi kwabantu, izibonakaliso zokungaphezu kwemvelo kwakuphakathi kwabo. Ngakho, niyabo, singabavangeli, siyakholwa, sikhohwa ngokoqobo ukuthi uNkulunkulu uhlala eBandleni laKhe nakubantu baKhe, siyakukholwa lokho. Futhi Ukhombisa isibonakaliso senjabulo, namandla eNkosi ekamu.

⁸⁹ Ngakho, eminyakeni babekade benazo zonke izinhlobo zezibonakaliso, futhi Wabhakisela kwezinye zazo lapha. Omunye wabo Wathi, “Njengoba kwenzeka esikhathini sikaJonase,” wambiza ngoJona. Manje, abantu abaningi ugxeke uJona omdala ompofu, futhi uJona wayengumprofethi, kodwa ngangihlala ngimdabukela, ngoba abaningi kakhulu ngalolusuku bayamlahla uJona futhi bathi wayephumile entandweni yeNkosi. Ngakho ngizomsekela uJona futhi ngithi wayengekho ngaphandle kwentando yeNkosi. Ngi... Bhekisisani futhi nibone manje, sizohamba sithathe impilo yakhe imizuzwana embalwa, futhi siyihlole.

⁹⁰ UJona wayesendleleni yakhe eya—eya eNineve, kusobala. Futhi iBhayibheli lithi izinyathelo zolungileyo ziqondiswa yiNkosi, khona-ke uJona wayengeke enze lutho, engumprofethi, ngaphandle kukaNkulunkulu emhola.

⁹¹ Ngizenzile izinto mina uqobo, futhi kanjalo nani, benicabanga ukuthi kwakungubuthutha ukuba, ngempela, lokho obucabanga ukuthi kwakulungile, kodwa uthole ukuthi kwakulungile impela nje. Niyabo, uNkulunkulu njalo wenza lokho ngoba Uholo abalungileyo. Hamba nje ngendlela uMoya ohola ngayo.

⁹² Futhi uJona wangena enkathazweni phandle olwandle, futhi siyazi ukuthi indaba ihamba kanjani, ukuthi wayeboshwe izandla nonyawo, futhi waphoswa ngaphandle emkhunjini, nenhlanzi iza, futhi yamosha, njengoba siyibiza ngomkhomo. Futhi yehlela phansi ekugcineni kolwandle emva kokudla uJona, imgwinya lombolozu. Futhi yehlela phansi ekugcineni kolwandle, futhi ngakho ba . . .

⁹³ Leyo yindaba ehlala idida isayense, ngoba isayense ithi ukugwinya komkhomo akukukhulu ngokwenele ukufaka umuntu, kodwa uma uqaphela iBhayibheli lasho ukuthi uNkulunkulu walungiselela lena, lena kwakuwuhlobo olukhethekile lwe—lwe—inhlanzi. UNkulunkulu, UnguJehova-Jira, Angahlinzeka noma yini Afuna ukuyenza, ngoba UnguNkulunkulu. U-Abrahama wambiza ngoJehova-Jira, ngoba Wakhuluma lowomhlatshelo waba khona. UsenguJehova-Jira, Angahlinzeka lokho Akufisayo. Futhi Walungiselela lenhlanzi.

⁹⁴ Intombazanyana, ijabule, ngesinye isikhathi iphuma enkonzweni neBhayibheli layo, yayihamba iqhubeka, umphikinkolo wahlangana nayo, wayesethi, “Ujabuleleni kangaka na?”

Yathi, “Ngisanda kusindiswa, uJesu usenhliziyweni yami.”

Wathi, “Umbhedo.” Wathi, “Uphetheni lapho, iBhayibheli na?”

Yathi, “Yebo.”

Wathi, “Ngiqagele uyayikholwa leyondaba ngomkhomo noJona.”

Yathi, “O, yebo, ngiyayikholwa, lonke iZwi. Okushiwo nguNkulunkulu kuyiqiniso.”

Wathi, “Awu, uzokufakazisa kanjani, ngaphandle kokukholwa na?”

Yathi, “Lapho ngifika eZulwini, ngizobuza uJona.” E-hhe. Kunjalo.

Wathi, “Khona-ke, uma-ke uJona engekho lapho na?”

⁹⁵ Yathi, “Khona-ke umbuze.” Lowo ngumqondo omuhle-ke. “Umbuze.” Kulungile. UNkulunkulu njalo unempendulo, uma nje uzovula umlomo wakho lapho Ewuvula.

⁹⁶ UNkulunkulu wenzela uJona inhlanzi ekhethekile, futhi yamgwinya, ngiyakukholwa, lonke iZwi lakho. Futhi yehlela olwandle, nenhlanzi lapho idla, phakela inhlanzi yakho encane esagolide, uzoyiqaphela, yehlela ngqo ekugcineni, iphumuze izigwedli zayo ezincane ngaphansi kwesitsha sezinhlanzi. Wake wayiphakela na? Igcalise isisu sayo esincane, iyehla ngqo, iphumule ekugcineni kwesitsha sezinhlanzi. Inhlanzi yenza lokho, emva kokuba isiphumile futhi idla, ibuya ngqo phezu kwesidleke bese iphumula.

⁹⁷ Awu, lomkhomo wawugwinye lomprofethi, wehlela phansi ekugcineni kolwandle ukuyophumula. Futhi nangu uJona wayezibhixa kulobo buhlango, ezansi lapho ekugcineni kolwandle. Futhi ngangicabanga njalo. . .

⁹⁸ Abantu bathi, “Ngani, ingalo yami ayingcono, nonyawo lwami—lwami alungcono. Angizizwa ngingcono nhlobo.”

⁹⁹ Awusoze wazizwa ungcono ubuka lokho, ubuka izimpawu zakho. Inqobo nje uma ubuka izimpawu zakho, awuzukubona lutho olunye kodwa izimpawu zakho. Kuya ngokuthi ubukani.

¹⁰⁰ Manje bukani uJona, manje, wayesesimweni esibucayi; akukho-muntu lapha kulelitabernakele omubi kangako kulobubusuku. Wayesiswini somkhomo, uma wayebuka *ngapha* kwakuyisisu somkhomo, yonke indawo ayebuka kuyo kwakuyisisu somkhomo, futhi wathi, “Ziyize zamanga. Ngiyakuphinda ngibheke ithempeli laKho elingwele.”

¹⁰¹ Ngokuba wayazi ukuthi ngenkathi uSolomoni enikela lelothempeli, ngani, wakhuleka wayesethi, “Nkosi, uma abantu baKho beba senkathazweni nomaphi, futhi babheke ngakulelithempeli elingwele, futhi bakhuleke, khona-ke Uzwe useZulwini.” Futhi wayekholwa ukuthi umkhuleka kaSolomoni wawuzophendulwa. Ngakho, uNkulunkulu wenza leyonhlanzi egulayo ijike ngqo, yase ithatha uJona iyomehlisa.

¹⁰² Manje, uma uJona, ngaphansi kwalezozimo wayengabheka ethempelini elakhiwa ngumuntu, uSolomoni, ukuthi kamuva

wahlubuka, ithempeli lasemhlabeni, nomkhuleko womuntu ojwayelekile, futhi uNkulunkulu wayengamenzela isimangaliso esinjalo, Angasenzela okuningi kangakanani wena nami lapho senqaba ukubuka izimo zethu! Futhi ngiyophinde ngibheke eTempelini eliNgcwele lapho uJesu ehlezi khona ngakwesokunene soMkhulu kweliPhezulu enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Amen.

¹⁰³ Singalubuka kanjani uphawu na? Ngibuka uJesu. Hhayi ukuthi—hhayi ukuthi *lokhu* kubukeka kanjani, kodwa ukuthi *Lokho* okwakusho. Buka eKalvari, buka inani elakhokhelwayo.

¹⁰⁴ Umuntu uyafika wathi, “Ngiphansi kakhulu, Mfowethu Branham, uNkulunkulu akangisindisi neze.”

¹⁰⁵ Ungabuki ukuthi umubi kangakanani, buka ukuthi Muhle kanjani. Ungalokothi uzibuke, Mbuke. Umpristi akazange ambone o—o—lowo umhlatshelo owenzelwe yena.

¹⁰⁶ Njengoba uMfowethu Bosworth wayevamise ukusho ngomnyuzi wakhe omncane, wathi, “Umnyuzi uyozalwa, namadlebe awo ayeyethile, umsila wawo ubheke phezulu, namadolo awo eguqile, namehlo awo ephambene.” Wathi, “Awu, uma ubungakhuluma ubuyothi, ‘Awu lapho bephuma, bazongishaya ekhanda, ngoba, ngeke bangiphakele, angifanele ukuphakelwa.’”

¹⁰⁷ “Kodwa uma umama wawo wayefundiswe kahle, wayezothi, ‘Ndodana, awudingi ukuba ukhathazeke, wazalwa ngaphansi kobuzibulo. Kuzofanele kube newundlu elingenasici elifela wena, ukuze wafanele.’”

¹⁰⁸ Futhi kunjalo impela. Umpristi akazange awubone umnyuzi, akazange awuhlale umnyuzi, wahlola iwundlu. Hhayi isici emnyuzini, isici, uma kwakukhona noma yisiphi isici ewundlwini. Ngakho uma ungatholi sici kuYe, wena ukhathazeke ngani khona-ke na? Akusuwe, nguYe. UNkulunkulu akakubuki, Ubuka Yena. Niyakubona na? Uyakubona, dadewethu na? Uyakubona, mfowethu, ohlezi lapha na? Uyakubona na? Akusuwe Akubukayo, Ubuka uKristu, lowo nguMhlatshelo, Ubuka uMhlatshelo.

¹⁰⁹ Ngakho uJona, ukuqhubeka naye, siyaqaphela ukuthi abantu baseNineve babebabi kakhulu. Ngitshelwa ukuthi babengabakhonza izithombe, futhi babekhonza izilwane, nonkulunkulu wolwandle kwakungumkhomo, nomsebenzi wabo kwakungukudoba. Ngakho, ngenkathi onke amadoda eya emsebenzini ngalokho kusa, idolobha elingangeSt. Louis, cishe, baphuma bangena olwandle nezikebhe zabo, nakhu kuza unkulunkulu wolwandle egingqika engena osebeni, wakhapha ulimi lwakhe enzela isikhwelo, nakhu kufika umprofethi, ephuma ngqo emlonyeni wakhe.

¹¹⁰ Akumangalisi baphenduka. Niyabo? Yebo. Impela. Baphenduka ngoba unkulunkulu wabo wayezeze umprofethi

ngesibonakaliso esingaphezu kwemvelo. Amen. Akumangalisi Athi uyosilahla lesisizukulwane, abantu ngesikhathi sikaJona.

¹¹¹ Ngifuna ukuqathaza lokhu kancanyana, futhi, ngenkathi sisahambisana, uma kuzoba kuhle kini, bhekisisani, Wathi, “Nabantu baseNineve bayakusukuma kulesisizukulwane, futhi basilahle, ngoba baphenduka ngokushumayela kukaJona, futhi lapha kukhona omkhulu kunoJona.”

Manje bhekisisani, ngenkathi sebembuzile, Wathi, “Kuyobakhona. . .”

¹¹² Bathi, “Sinike isibonakaliso,” emva kwezinto eziningi kakhulu Ayezenzile. Niyambona lowodeveli na? Njengoba nje asho, “Yenza isimangaliso lapha, bese uphendula lamatshe abe yizinkwa.” Bamboza ngendwangu ebusweni baKhe, baMshaya ekhanda, bathi, “Sitshele ukuthi ubani okushayile, sizokukholwa. Ungumphofethi, sitshele ukuthi ubani okushayile.”

¹¹³ Lowodeveli ofanayo uzokwenza okufanayo, “Phulukisa lona *lapha*, ake ngikubone umphulukisa.” Niyabo lapho, lowo yilowodeveli ofanayo ehlala kubantu abakholwayo. “Ake ngikubone wenza isimangaliso. Ngeke. . . Ikhehla u*S’bani-bani* lithengisa amapensela ezansi lapha ekhoni, belikhubazekile. Ake nginibone baphulukisi ngokukaNkulunkulu niphulukisa.” Khumbulani nje ukuthi lowo ngudeveli. Niyabo?

¹¹⁴ Asihlekisi ngabo, uNkulunkulu akakaze, uJona akakaze, akekho omunye okwenzayo. Bavele nje, “Bayekeni, baphuphuthekile behola impumputhe,” ngakho nje ungasho lutho kubo, qhubeka nje uqhubeka. Sinabangingi abakukholwayo, kunokuzilulaza nabangakholwayo.

¹¹⁵ Kodwa bhekani, uJesu wathi, “Isizukulwane esibi nesiphingayo siyakufuna isibonakaliso; futhi abayikwamukela isibonakaliso, kuphela isibonakaliso sikaJona. Ngokuba njengoba uJona wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu, kanjalo iNdodana yomuntu imelwe ukuba sebuthunjini bomhlaba izinsuku ezintathu nobusuku obuthathu.”

¹¹⁶ Qaphelani, manje kutholeni: Hlobo luni lwesizukulwane na? Esibi, esingcolile, esiphingayo isizuk-. . . Wayekhuluma ngalesizukulwane, kumbe noma yisiphi isizukulwane esiyothi, “Ngenzele isibonakaliso, khombisa. . .” Yilokho ababeMtshela khona.

¹¹⁷ Manje, laba bafu namhlanje abangakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi abangakholelwa ezimangalisweni uyabuza, “Ake ngikubone uphulukisa *lona*, angikubone uphulukisa *lowo*,” iBhayibheli lathi babezothola isibonakaliso. Kuyoba hlobo luni lwesibonakaliso na? Isibonakaliso sokuvuka. Haleluya! Sinakho, amen, sekulapha manje.

118 UJesu Kristu uvukile kwabafileyo, futhi uyaphila emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ezibonakalisa Yena uqobo phakathi kwethu. Esibi, esiphingayo, isizukulwane esibi, isizukulwane esiphingayo leso yilesizukulwane, njengeSodoma, sesibuyele kulo futhi. Wathi, “Lesosizukulwane siyofuna isibonakaliso, futhi bayoba nesibonakaliso, isibonakaliso siyoba ngukuvuka.” Niyakuthola na?

119 Futhi manje sebekubiza kanjalo, ukwenza, ukubathumela kude kakhulu noNkulunkulu bathi, “Ngudeveli. Ngukufunda umcabango. Kungukufunda ingqondo, noma okuthize,” engazi ukuthi ngukuvuka kukaJesu Kristu phakathi kwabantu baKhe. Udumo! O, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaJonase! Niyabo? Abaningi. . .

120 Manje siza kuSolomoni. Ngezinsuku zikaSolomoni, noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi lowo kwakungunyaka wegolide ka-Israyeli. Lezo kwakuyizinsuku zabo ezedlula zonke abake babanazo, lokho kwakuyiminyaka eyinkulungwane yabo esencane, yonke into yaphumelela ngaphansi kukaSolomoni. Ngani na? Lapho uNkulunkulu enikeza abantu isipho, noma isizwe, noma abantu, nalabobantu bazosiqonda lesosiphiwo, ngunyaka wegolide kubo. Uma bekwala, kuyinxushunxushu kubo. Yingalesosizathu Wayelokhu ethi, “Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.” Futhi babekwala.

121 Awu, ake sithathe uSolomoni imizuzwana embalwa. USolomoni wanikwa isiphiwo sokubona okufihlakele, futhi wonke u-Israyeli wabuthana ngakukho, wonke umuntu wakukholwa. Ngani, wayenesiphiwo sokubona okufihlakele, futhi wayekwazi ukwehlukanisela abantu. Futhi wonke umuntu wayenhliziyonye, futhi ekuzwana kunye, ngasesiphiweni esikhulu sikaNkulunkulu, “Makabongwe uNkulunkulu, uJehova omkhulu.” Bacula amaculo, bakha ithempeli, benze izinto ezinkulu, ngoba babejabule. UJehova wayebeke isiphiwo sokubona okufihlakele kumuntu oyedwa, uSolomoni, futhi bonke babejabule ngakho.

122 O, uma iMelika, kulobubusuku, ibingabuthana izungeze isiphiwo sikaNkulunkulu, bekungaba unyaka wegolide, bekungaba yisikhathi seminyaka eyinkulungwane kithi lapha. Ukuba-ke besingabuthana ngaseSiphiweni sikaNkulunkulu na? U, lowo nguMoya oNgewele, kusobala. Yonke iMelika ibiyobuthana izungeze isiphiwo uNkulunkulu asithumelele sona, uMoya oNgewele, bekuyoba yisikhathi sokuthi babeyodiliza zonke izindonga zokwahlukanisa phakathi kweMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, amaPentecostal, futhi besiyoba nonyaka wegolide, namandla kaNkulunkulu ayoshanela lesisizwe sisuka olwandle siye olwandle olukhanyayo, zonke izizwe eziphansi kweZulu beziyosesaba.

¹²³ Leso yisivikelo esizedlula zonke esinaso, isivikelo sikaNkulunkulu. Asidingeki ukuba sakhe amabhomu e-atomu, sijahane neRashiya emcintiswaneni wemicibisholo, sibuyele kuNkulunkulu nje, samukele iSipho Asipha sona, kodwa bangeke bakwenze. Ngani, awukwazi ngisho ukuthola abaningi babazalwane bePentecostal ukuba bakwenze, kungasaphathwa iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, iLuthela, kanjalonjalo. Abakwazi ukuthola abaningi ukuba baSikholwe, ababuthaneli. Yini esele-ke na? Izinxushunxushu. UNkulunkulu uyakuthumela, kukuwe ukuba ukwemukele.

¹²⁴ Manje, ngenkathi i, lesosiphiwo semukelwa, bonke abantu nganhliziyonye, ngani, wonke umuntu wedlula lapho, babebatshele, “O, ngaphambi kokuba nihambe, nifanele nenyuke. Nizwile ngoNkulunkulu wethu, uNkulunkulu wethu nguJehova, uJehova oMkhulu, Owenza amaZulu nomhlaba. O, ngaphambi kokuba nisuke esizweni sakithi, nifanele nihlale isikhathi eside ngokwenele ukuba nibone omunye wemihlangano. O, u—ubungamangala ukubona ukuthi amandla amakhulu kaNkulunkulu afika kanjani phezu komuntu, futhi bhekisisa ukuthi wehlukhanisa kanjani amacala phakathi kokulungile nokungalungile kubantu. Ngani, ufanele ukubone, kuyamangalisa!”

¹²⁵ Awu, abantu babeyodlula futhi bakubone. Futhi o, ngani, izinhliziyi zabo zazikhanya zonke, futhi sezihambile. Akukho-muntu okhulumayo, ethi, “*Awu!* Angikukholwa lokho. A-hha. Lokho akusikho okukaNkulunkulu.” Wonke umuntu wayenhliziyonye ngakukho.

¹²⁶ Uma abantu ababizwa ngeGama likaJesu Kristu, uma abantu ababizwa ngebandla lamaKristu, nje labobantu bodwa, babeyobuthana ndawonye, futhi bakhuleke, futhi bemukele iSipho uNkulunkulu asithumelele sona, bekungebebikho nelilodwa igama elibi ngeNto. Ngani, bekuyobakhona ukuthululwa okumangalisayo kukaMoya oNgewele, izizwe beziyokuzwa, izihloko zezindaba, izindaba zethelevishini, bekuyohamba emhlabeni jikelele, uma nje besingakuthola, kodwa bangeke bakwenze. Manje-ke yini esele na? Ibhomu le-atomu lisilindile, yilokho kuphela, kongakholwayo, uJesu usilindile. Ayibongwe iNkosi! Kukhona indlela yokuphuma, “Abaningi abaMemukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu, labo abakholwa eGameni laKhe.”

¹²⁷ Manje, uSolomoni, siyathola-ke ukuthi abantu wayekhuluma, futhi, ndawo zonke. Kwase kuthi-ke izindaba, babengenawo amathelevishini ngaleyonkathi, namaphephandaba, i, kwakungumlomo nomlomo. Futhi njalo lapho abantu beyongena kwesinye isizwe, babeletha izindaba, “O, uNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu omkhulu wa—wamaJuda! Ngani, labobantu banhliziyonye. Futhi bakha ithempeli elikhulu i, awukaze ububone ubukhazikhazi

obungako, awukaze ububone ubunye obunjalo, awukaze uwabone amandla anjalo. Futhi uNkulunkulu uvakashele indoda lapho, futhi bayenze iNkosi yabo.” Asikwazi ngisho nokwenza omunye onjalo abe ngumelusi. Bathi, “Simenza iNkosi. Futhi, o, amandla amakhulu kangaka pho uNkulunkulu awasebenzisayo! Lowomfo, uSolomoni, phezulu lapho, uNkulunkulu wenza into enkulu.”

¹²⁸ Manje, izindaba zazilokhu zisabalala, kwaze kwathi ngolunye usuku yehlela le eSheba. Manje, lokho yizindlela ezinde ezansi lapho. Futhi amakharavani ayoza adlule, niyazi, futhi—futhi ayo, njengoba zingena kubobonke abahambi bedlula, kusobala babeyongena ukuba babone izinhloko zezizwe. Futhi lesisizwe esincane sasineNdlovukazi phezu kwaso, eyayibizwa ngeNdlovukazi yaseSheba, okubhekiselwa kuyo lapha njengeNdlovukazi yaseNingizimu ngoba yayiseningizimu yePalastine. INdlovukazi yaseNingizimu, kwathi ivela emikhawulweni yomhlaba. Leyo kwakuyimikhawulo yomhlaba *eyaziwayo*, ngalolosuku. Yayisezansi le ukunqamula uGwadule iSahara. Kulinganiseni emabalazweni enu, kude le ezansi lapho.

¹²⁹ Ngakho, ekugcineni kwezwakala izindaba kuyo. Futhi wonke umuntu ovela ePalastine wayethi, “Awusho, nje sivela ePalastine, ubufanele ububone ubunye balabobantu. UNkulunkulu wabo ugcoke umuntu, nalowomuntu wenza izibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo, izibonakaliso umuntu abengeke akwazi ukuzenza. UNkulunkulu wabo ufanele abe nguNkulunkulu wangempela.”

Niyazi, ukukholwa kuvela ngo... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹³⁰ “Kodwa ufanele ubone uMoya omkhulu phezu kwakhe. Angikaze ngikubone ukubona okufihlakeleyo okunjalo. O, akunaphutha, ngaso sonke isikhathi yiqiniso impela, ufanele ukubone. Angikaze ngibone noma yini enjengakho.”

¹³¹ Iqala ukulamba, iqala ukoma. O, ngiyakuthanda lokho, ukoma. O, lapho woma, kukhona okuthize ngakho! Ungeke wakhuluma nomuntu ngamanzi, aze ome, kodwa lapho oma, uzophuza ndawondawo, womiwe.

¹³² Lapha esikhathini esithize esedlule ngangifunda emaHubweni 63, uDavide wathi, “Ngokuba umusa wakho wothando ungcono kimi kunokuphila, ngizolidumisa iGama laKho.”

Ngacabanga, “Wayechaza ukuthini uDavide na? *UkuPhila*, leyo yinto enkulu kunazo zonke ekhona, ngakho kufanele kube nezihumusho ezehlukene *zokuphila*.”

¹³³ Manje, abanye abantu ucabanga ukuthi *ukuphila* ukuphuza, nokuxokozela, nokuhambahamba, kodwa lolohlobo lokuphila lunobuhlungu benhliziyo kulo. Lona ekugcineni... Akukho...

Lolo akusilo uhlobo lokuphila uDavide ayekhuluma ngalo. Manje, ngezinye izikhathi lolohlobo lokuphila luzokwenza uthathe ivolovolo, futhi uqhumise ubuchopho bakho, ugxume wehle ebhulohweni futhi uzibulale. Abantu bacabanga ukuthi ngoba, “Mfana, uma nje bengingenza isigidi samadola, lokho bekungaba ukuphila ngempela.” Qhabo, lokho ngukufa.

¹³⁴ Lapha esikhathini esithile esedlule nganginoMfowethu Sothmann ebandleni elikhulu, inkundla yomdlalo enhla eCanada, edolobheni elithize elikhulu. Futhi kwakuhamba kahle impela, kwaze kwathi abaseMelika bakhuphuka, futhi bakhuphukela lapho, uhlobo oluthile lwedlangala. Futhi ngalobobusuku ngenkathi ngigibela ekheshini, ngiza ekhaya ngivela emhlanganweni, kwakukhona amabhodlela kagologo enele lapho ukwenza ikesi noma amabili kagologo.

Futhi ngathi kumfana omncane wayengenyusa, ngathi, “Yini leyo na?”

¹³⁵ Wathi, “Bavela ngaphesheya kolayini, phezulu lapha.” Wathi, “Olunye uhlobo lomphakathi lune, elinye idlangala line, ijubili labo lapha.” Wathi, “Bekwesabeka.” Wathi, “Ngabe unguMfowethu Branham na?”

Ngathi, “Nginguye.” Ngathi, “Kungenza ngithi ukuba namahloni ukuba ngowaseMelika.”

Wathi, “Awu, banakho lapha, futhi.”

¹³⁶ Ngakho, ngaqhubeka ngenyuka ngase ngehla ekheshini, futhi ngenkathi ngehla ekheshini, ngezwa okuthile phezulu kolunye uhlangothi lwegumbi, ihholo elide, lelihhotela elikhulu. Ngabheka phezulu lapho, futhi nakhu kwakukhona abesifazane ababili behla bedabula lapho, cishe amashumi amabili-nanhlanu, iminyaka engamashumi amathathu ubudala, nje begqoke izingubo zabo zangaphansi, namadoda ebadonsa, *kanjalo*. Babephethe ibhodlela likagologo esandleni sabo, futhi bobabili befake amabhande omshado; umyeni wabo egada ingane, mhlampe, ekhaya. O, nje babe “nokuzijabulisa okuncane okuhlanzekile.” Akumangalisi silahliwe. Mhlawumbe wayengokaSonto sikole, ndawondawo, noma uthisha kaSonto sikole.

¹³⁷ Khona-ke bayehla, nalababafo bedakwe kakhulu, begaqa ngamadolo abo bezama ukubadumela, futhi badonse leyo izingubo ezincane ababezigqokile, bazikhumule. Futhi behlela lapho, futhi basuka kubo, ba...Futhi ngabuyela emuva ngangena ehholo elincane ethunzini. Futhi omunye wabo wathatha logologo, wayesephuza kakhulu, *kanjalo*, wayesewunika omunye, wadonsa isiketi sakhe esincane sangaphansi, wayesethi, “Wupi! Lokhu ngukuphila!”

Ngama lapho kancanyana, ngaphuma, ngathi, “Ngiyaxolisa! Lokho ngukufa!”

Wathi, “Phuza.”

¹³⁸ Ngababamba ngesandla, ngase ngithi, “Bukani lapha emaringini omshado. Aninamahloni ngani na? Ngisho noma ubungeke ube ngaphezu kokuba isakhamuzi saseMelika, kuyihlazo ezweni lakithi, nefulege lethu, nalokho okhokho bethu abasungula lesisizwe ukuba sibe yikho! NgingowaseMelika, nami, ngingumshumayeli weVangeli.”

Baqala ukugxuma, futhi bedonsa, futhi begxuma, bethimula, bengikhahlela, nakho konke okunye, futhi basuka bahamba, futhi basho behla ngehholo.

¹³⁹ Lokho akusikho ukuphila, lokho ngukufa! Yini eyenza i, yini intombi ehle ebingafuna ukwenza into enjengaleyo na? Bekungaba yini indoda, mhlawumbe nomkayo ekhaya egada ingane, naye, naye phezulu lapho imdonsa, unkosikazi wenye indoda na? Kungani bephuza na? Yini ebangela abantu ukuba bone na? Yingoba bomiwe. Kunjalo.

¹⁴⁰ Ngenkathi uNkulunkulu enza inhliziyu yomuntu, WaZenzela indawo encane phakathi lapho. Wakwenza kanjalo ukuze wome, ungakomeli lokho, kodwa womele Yena. Unesibindi kanjani owesilisa noma owesifazane, isakhamuzi sanoma yiliphi izwe, ukuzama ukuqeda lokho koma okungcewele ngezinto zezwe!

¹⁴¹ Yingalesosizathu bekwenza, ngoba, awudingi okunye ukuphuza; aniwudingi usikilidi, nina babhemi; anidingi okunye ukuphuza, nina bantu eniphuzayo; anidingi enye iphathi, nidinga uNkulunkulu, yilokho enikudingayo, ukomela ukulunga. UNkulunkulu wenza leyondawo, futhi wakwenza wome, leyo yingxenywe yakho. Wenza leyondawo encane enhliziyweni yakho ukuba azihlalise Yena uqobo esihlalweni sobukhosi, nokwenelisa ukoma kwakho.

¹⁴² Ngeke kukusize ngalutho, kuyokwenza owehlulwa izidakamizwa, noma—noma enye into ethize, futhi awusoze waneliseka, futhi awusoze waneliseka, uze uthole iNto eyenzelwe khona. Ubhastela into ethize futhi, uzama ukunikeza okuthize lapho uNkulunkulu Azenzele khona. Futhi lokho, okwenza umuntu ome.

¹⁴³ LeNdlovukazi encane, umehluko ongakanani! Yayomile ngoba eyayo encane, inhliziyu ethobekile yayibheke uNkulunkulu. Manje, emva kwesikhashana kufanele kube nabaningi kakhulu abezayo, yaze yacabanga, “Awu, ngiyakhuphuka ukuyozitholela mina uqobo.”

¹⁴⁴ Manje, nanko umbono omuhle, wayengafundisa abesifazane baseMelika ukuthi baphile kanjani. Niyabo, abaseMelika bayohlala ekhaya, futhi, “Awu, awu, uDokotela uS’bani-bani uthe bekungalungile.” Bayohlala ekhaya. Lona wesifazane wayengenandaba ukuthi uDokotela uS’bani-bani wathini, wayomele ukuzitholela yena uqobo, futhi wayezimisele ukuhamba. Wayenenqwaba ukuba kubhekane

naye. Khumbulani, wayengumhedeni, wayezodingeka ahambe ayobuza umprihi wakhe ngumhedeni ukuthi angahamba yini.

¹⁴⁵ Ake sithathe uhambo naye, ngiyamuzwa ehla, ethi, “Baba ohloniphekile ongcwele, kungenzeka yini ukuthi ungangixolela, njengeNdlovukazi na? Ngizwa kuthiwa banemvuselelo enkulu eqhubekayo enhla lapha esizweni esilandelayo, ukuthi uNkulunkulu, uNkulunkulu wabo wehlile, futhi ugcobe abantu, baze bonke babe-kuzwana kunye. Ubeke uMoya waKhe phezu komuntu, Ukhombisa ukubona okufihlakeleyo okukhulu. O, baba ongcwele, ungangivumela ngiphume ebandleni, ukuze ngihambe na?”

¹⁴⁶ “Manje, ndodakazi yami, ufanele ukhumbule ukuthi ungubani, unesithunzi esikhulu. Umama wakho waya kulelibandla, uyihlo waya kulelibandla, umkhulu wakho, ugcobo wakho, nomkhulu wabo, ugcobo waya kulelibandla. Manje, ayikho into enjengaleyo. Ungathatheki ngokunye kwalokho kushisekela ngokweqile.” Niyazi abantu bayafa, kodwa imimoya ayifi, ngakho, basaphila, banezimo zokuziphatha ezifanayo.

¹⁴⁷ “Ngakho ningalokhu nizilazila lesosigejane, bafanele babe ngabagingqi abangcwele phezulu lapho. Ningabalaleli. Manje, uma kukhona noma yini eqhubekayo kanjalo, ibiyokwenzeka ebandleni *lethu*, niyabo, bekungaba phansi lapha kanye nathi,” bebeyosho njalo. “Yileyo ndlela obekuyaba ngayo, uyabo.”

¹⁴⁸ Ngakho manje-ke, into yokuqala niyazi, wathi, “Kodwa buka, mnumzane,” ake silalele ukuthi wathini, “kodwa buka, mnumzane, konke engikuzwile ngokhokho wami, nomama, kanjalonjalo, kwenze konke, isigejane nje sezivumokholo, nezinto, eniziphindaphindayo lapha, ebuka uhlobo oluthize lwesithixo, futhi asikaze sibone nowodwa umnyakazo namanje. Angikaze ngibone lutho ngaphandle kwesigejane sabantu esiphila njengezwe siza lapha, futhi siphindaphinda izivumokholo, nokubuyela emuva. Futhi angizange ngibone sibonakaliso esingaphezu kwemvelo sanoma yikuphi ukuphila kunoma yisiphi isithixo, noma ebandleni. Futhi bangitshela ukuthi banoDatshana, ukuthi uNkulunkulu uhlala nabo. Ngiyahamba, noma kanjani.” Amen. Ngiyakuthanda lokho.

¹⁴⁹ Vumela uNkulunkulu ahambe ayobhekana nenhliziyo, abekho abapristi abenele ezweni ukubavimbela kukho, abashisekela ngokweqile, noma, zibaqhelise kukho, ziyeza, noma kanjani, uNkulunkulu uhamba esebenzana nenhliziyo yomuntu.

¹⁵⁰ Sengiyambona ejika, ephuma ebandleni. Manje, khumbulani, wayengowesifazane kwasekuqaleni nje, inenekazi elincane eladingeka lihambe. Manje khumbulani, washo lokho, futhi, wathi, “Manje, ngenyukela lapho ukuyobona ngakho. Into yokuqala okungcono ngiyenze kuyoba ukuthenga inqwaba

yemiBhalo egoqwayo yamaJuda, futhi ngibone ukuthi uhlobo luni lukaNkulunkulu uJehova.”

¹⁵¹ Kungumqondo omuhle. “Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo, YiYo efakaza ngaMi.” Kulungile.

¹⁵² Wase-ke ehlola imiBhalo egoqwayo, futhi wathola ukuthi konke okwakusemiBhalweni egoqwayo ukuthi uJehova wayenjani, ukuthi imvelo yaKhe yayiyini, Akwenzayo. Leyo yinto enhle kuwo wonke umfundi weBhayibheli. Lapho niza emhlanganweni, ningeke nakuqonda, nibone ukuthi ngabe kuhambisana nomBhalo yini, uma kungesikho ngokomBhalo yilahleni le into, uma kungumBhalo, kwemukeleni. Kunjalo. Ini . . . Yenza lokho uJesu athi kwenze.

¹⁵³ Wase-ke ethenga imiBhalo egoqwayo, futhi waYifundisisa, wathi, “Awu, ngiyayazi imiBhalo egoqwayo iyakukhuluma, Uyilolohlobo luka, bonke abaprofethi bathi Uyilolohlobo luka—lukaNkulunkulu, futhi UnguNkulunkulu walolohlobo. Ngakho ngenyukela lapho, futhi ngizohamba nemali eningi, uma kuyiqiniso, ngizokweseka, uma kungesilo iqiniso, khona-ke angizukukweseka, ngizobuya nemali yami.”

¹⁵⁴ Lokho bekuyoba yisifundo esihle enqwabeni yabaseMelika. Uma—uma abantu baseMelika bebengasekela lokho okulungile, lokho okufakazela ukuthi kunguNkulunkulu! Kodwa besekela konke okunye ngaphandle kwalokho, cishe. Ngiqagele kufanele nje kube ngaleyondlela.

¹⁵⁵ Manje khumbulani, wabophela amakameli akhe, futhi wahamba nezincekukazi ezimbalwa, nabathenwa abavela ethempelini, futhi waqala uhambo lwakhe. Manje khumbulani, wayengadingekile nje ukuba aye ngaphesheya kwesitaladi, wayenamakhulu amamayela edabula oGwadule iSahara, hhayi ngeCadillac enesishayisamoya, kodwa emhlane wekameli.

¹⁵⁶ Akumangalisi uJesu athi uyovuka ngoSuku lokwaHlulelwa futhi asilahle lesisizukulwane, abanye abantu ngeke bahambe bawele isitaladi ukubona omunye wemihlangano, futhi uvela emikhawulweni yezwe ukuzozwa ukuhlakanipha kukaSolomoni, futhi bhekani lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. UNkulunkulu kaSolomoni unathi, impela, enza into efanayo Ayenza ngezinsuku zikaSolomoni. Akumangalisi uJesu athi uyovuka ekwaHlulelweni, futhi asilahle lesisizukulwane.

¹⁵⁷ Futhi enye into, wayenemali eningi, imure, nenhlaka. O, kwaku—kwaku, ayikho indlela yokubala intengo, ebiza amashumi ezinkulungwane zamadola akho. Manje wayefanele anqamule ugwadule, abantwana baka-Ishmayeli wayephandle lapho ogwadule, futhi babengabaphangi.

¹⁵⁸ Kodwa, niyazi, kukhona okuthize ngakho, lapho inhliziyoyakho iya ekulambeleni uNkulunkulu, awukwazi ukwesaba, ulokhu uqhubeka nje uhamba, noma kanjani, awucabangi

ngakho. “Ukuthi uMama uzothini, ukuthi uBaba uzothini, ukuthi uS’bani-bani uzothini, ukuthi ubasi wami uzothini,” ulokhu uqhubeka nje. Lapho uqala ukulambela nokomela uNkulunkulu, into ethize iqala ukufika, uyaqhubeka uyilandele, noma kanjani.

¹⁵⁹ Waqala ukunqamula ugwadule, mhlampe wadingeka ahambe ebusuku, ngoba isikhathi sasemini sasishisa kakhulu. Leyomisebe eqondile yalelo—lelolanga phansi lapho kuloloGwadule iSahara ibiyoshisa iyobule isikhumba sakho, cishe. Futhi niyazi ukuthi kuthatha isikhathi esinganani ukunqamula, ikharavani ukunqamula lologwadule na? Izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye, izinyanga ezintathu. Kodwa kwakukhona *Into ethize eyayimhudula*, imdonsa.

¹⁶⁰ O Nkulunkulu! Whewu! “Babusisiwe abalamba futhi bome, ngokuba bayakusuthiswa.” Ukulamba nokoma. O, uze wome ungeke wakhuluma ngakho kuwe, kodwa lapho woma, usulungele-ke.

¹⁶¹ Waye, wayene...Wayengacabangi ngabantwana baka-Ishmayeli, uNkulunkulu wayezokuvikela lokho, uma loNkulunkulu wayenguNkulunkulu, Ubezomvikela. Futhi wayesendleleni yakhe, emini, ekukhanyeni kwenyanga... emini wayelala ngapha nangapha ngaphansi nezincekuzazi zakhe ezincane ngalapho, futhi afunde lemiBhalo egoqwayo, futhi athi, “Ngabe, lesosibhakabhaka esikhulu, ngabe uJehova wakwenza lokho na? Ngabe Wakwenza *lokhu* na? Ngizothola. Bathi banesibonakaliso lapho, ngizobona ukuthi kuqinisile yini.”

¹⁶² Ekugcineni, wafika emasangweni esigodlo. Lapho ekugcineni efika emasangweni esigodlo, akazange eze nje ukuba athi, “Ngiyangena futhi ngihlale phansi, futhi uma lowomfo esho into eyodwa ephikisana nesayense yethu yezenkolo ebandleni lethu, ngizosukuma ngqo bese ngigqishazela eginghume esakhiweni.” Qhabo, leso yisimo sokuziphatha saseMelika, niyabo, kodwa hhayi esakhe. Ufikela ukuhlala lapho waze waneliseka ngokugcwele, ekufanisa nemiBhalo. Wabeka amathende akhe, nakho konke, walungiselela umhlangano.

¹⁶³ Futhi sengiyabona ngokusa okulandelayo wahlanza kokwakhe okudlula konke, nezincekuzazi zakhe—zakhe, futhi baya emnyango. Futhi lonke ikhwaya lacula amaculo amnandi kakhulu, namacilongo akhala, nomhlatshelo wanikelwa, zonke izethulo zaphuma endleleni, futhi emsamo kuza uSolomoni.

¹⁶⁴ Wathi, “O, nango. Lowo kufanele kube ngumfo uNkulunkulu amgcobile. Manje, uma loNkulunkulu...Manje, ake ngibone manje, ake ngibone, ngizobuyekeza bonke lababaprofethi manje, ngizobona uma kuqinisile.”

¹⁶⁵ Into yokuqala niyazi bakhuphula udaba lokuqala, futhi wathola ukuthi umoya kaSolomoni wokubona okufihlakeleyo

wawuphelele. Usuku nosuku, wayekubhekisisa, kungekho sici kukho, akukho ndawo. Inhliziyo yakhe encane yaqala ukushaya, emva kwesikhashana, lapho iqala ukushaya kanzima, ekugcineni ikhadi lakhe lomkhuleko labizwa, futhi uyeniyuka.

¹⁶⁶ Futhi ngenkathi esenyukele lapho, wama phambi kukaSolomoni, wayenemfihlo enhliziyweni yakhe, noSolomoni, iBhayibheli lathi, wamtshela zonke izinto, kwakungekho lutho olwalugodliwe. UNkulunkulu wembula yonke into kuSolomoni ayefuna ukuyazi. Ngabe kunjalo na? Lowo ngumoya wokubona okufihlakele, impela, wembula konke kuye.

¹⁶⁷ Futhi ngenkathi ikhadi lakhe lomkhuleko libizwa, futhi wasukuma lapho, noSolomoni wembula yonke into kuye ngoMoya kaNkulunkulu, waphendukela ezethamelini, wayesethi, “Konke engikuzwile kuyiqiniso. Futhi ngaphezulu kwalokho engikuzwile yiqiniso, kukhulu kunalokho ebengikucabanga.” Ngani na? Wayemi eBukhoni bukaJehova. Haleluya! O!

¹⁶⁸ Ngifisa sengathi bengingathola lokho ngendlela engikubona ngayo. O, he! Niyaqonda lapho uMoya oNgcwele wehla, namandla kaNkulunkulu ashaya indawo, uJehova ukhona, lowoJehova ofanayo na? Singahlala kanjani singanyakazi na? Sifanele senzeni na?

Niyabo, siyacabanga, “O, ukuba ngangisemuva lapho ngaleyonkathi!”

¹⁶⁹ Ubuyozwa ngendlela efanayo ozwa ngayo manje. Kukhulu manje kunoma kunjalo ngaleyonkathi, ngoba kukumuntu oyedwa, lapha kukubantu bonke abayoMemukela. Kwakungokwendoda eyodwa, uSolomoni, manje kungokwalowo ayomvumela eze. Amen.

¹⁷⁰ Omkhulu kunoSolomoni ulapha ekhombisa isibonakaliso sokuvuka kwaKhe. Wenziwa inyama, futhi wafa ukuba asuse isono sakho, wavuka futhi ngosuku lwesithathu, wabuya ngesimo sikaMoya oNgcwele, nemisebenzi Ayenzayo, Uyenza ngqo phakathi kwabantu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Haleluya! Ngithi *haleluya*; kusho ukuthi “akadunyiswe uNkulunkulu wethu.” O, yebo. Ulapha.

¹⁷¹ Akumangalisi uJesu athi, “Uyovuka ngoSuku lokwaHlulela futhi asilahle lesi sizukul-...” Ngaphandle kwalokho, bukani ukuthi wathini eShreveport, nenqwaba yalezizindawo, amabandla amaPentecostal: “Akusikho lokho kuphela, kodwa ubusisiwe lowo onani, omayo futhi akhonze kanye nani. Babusisiwe, ngokuba babona lezizinto zenzeka usuku nosuku, babusisiwe. Abusisiwe amadoda anani, ami ngakini, abona lesisiphiwo sisebenza usuku nosuku.”

¹⁷² UJesu wathi iyovuka ekwaHlulelweni futhi isilahle lesosizukulwane, kunjalo, futhi isilahle *lesisizukulwane*. Ngokuba uyakusilahla kakhulu kangakanani *lesi kunaleso* na?

Ngoba bukani ukuKhanya okuningi kakhulu esinakho kusukela ngalolosuku: ukufa, ukumbelwa, ukuvuka, uMoya oNgcwele qobo lwaWo unathi ngqo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Wejwaleke kakhulu. Yilokho—yilokho uMoya oNgcwele oyikho kubantu bePentecostal, Wejwayelekile kakhulu.

¹⁷³ Indoda endala ngesinye isikhathi eyayihlala ngaphakathi, yayisendleleni yayo yehlela ogwini lolwandle. Futhi yayibhala izincwadi, futhi yayihlale ibhala ngolwandle, ukuthi lwaluluhle kanjani. Ngolunye usuku isendleleni yayo yehla, yehlela ogwini lolwandle, futhi yahlangana netilosi elidala livela olwandle, futhi lathi, “Uyaphi, muntu wami olungileyo na?”

¹⁷⁴ Yathi, “O, ngiya olwandle! Angikaze ngilubone empilweni yami.” Futhi yathi, “Ngifuna ukubona lawo amakhulu, anosawoti, amagagasi amhlophe lapho eshaya; ngifuna ukuhogela umoya kasawoti; ngifuna ukuzwa ukukhala kwenyoni yasolwandle.”

¹⁷⁵ Itilosi elidala lama lapho, labuka, lahlafuna uthi lwenqawe yalo kancanyana, lathi, “Ngazalelwa kulo, sengibe kulo iminyaka engamashumi amahlanu, angiboni lutho oluxhuhumisa kakhulu ngalo,” futhi laqhubeka. Yilokho-ke, lalikwejwayele kakhulu, kwakungasaxhuhumisi kulo, nhlobo.

¹⁷⁶ Yileyo indaba ngebandla namhlanje, nibone okuningi kakhulu kwaLo, aKusakuxhuhumisi, nhlobo. UMoya oNgcwele muhle kakhulu ukunivakashela isikhathi nesikhathi, nesikhathi, nesikhathi, futhi siyaKukhohlwa.

¹⁷⁷ ELouisville, eKentucky, emavikini ambalwa edlule kwakukhona umama ephethe ingane encane, futhi yena, ehamba ngapho, futhi wayenyakazisa amathoyizi amancane, niyazi, ethi, “Uyabo, S’thandwa? Uyabo, S’thandwa na?” Khona-ke wayethola enye into, “Uyabo, S’thandwa? Uyabo, S’thandwa na?” Ingane encane yayilokhu igqolozele nje.

¹⁷⁸ Futhi emva kwesikhashana kwa—kwathi ukubaphazamisa abantu esitolo. Ekugcineni, wacsha insimbi encane eyayikhala, wathi, “Buka, S’thandwa! Buka, buka, buka, buka! S’thandwa sikamama, buka!” Futhi ingane encane yavele yagqolozela, futhi wawela ngale kwekhawunta.

Nabantu beza ukuzomsiza, bathi, “Yin’indaba na?”

¹⁷⁹ Wathi, “O, umfanyana wami, lapha esikhathini esingeside esedlule,” wathi, “uqale nje ukugqolozela ngqo emkhathini.” Futhi wathi, “Ngimiyise kudokotela esikhashaneni esedlule, futhi uthe ubengcono, kodwa akangcono.” Wathi, “Akukho okuzomheha.” Wathi, “Izinto ebezifanele zihehe umfana omncane oyintanga yakhe, akumhehi, uevele ahlale nje futhi agqolozele emkhathini.”

¹⁸⁰ Kuyiqiniso kanjani lokho ngebandla namhlanje! UNkulunkulu wanyakazisa lonke uhlobo lwesiphiwo Angalunyakazisa phambi kwebandla, futhi basahlezi futhi bagqolozele, befuna enye into. Haleluya! Kunjalo. UNkulunkulu uzokhathala, enyakazisa izipho phambi kwenu emva kwesikhashana. Nihlale nikhubazekile.

¹⁸¹ Ubone u-Oral Roberts, kanjalonjalo, ephulukisa abagulayo, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga zikaMesiya ovukileyo, nabantu bahlale, bathi, “Awu, angazi.” Niyabo?

¹⁸² Akusabahehi, kukhona okwenzekile emiqondweni yabo. Babonakala nje sengathi baphazamisekile ngokwengqondo, noma baphazamisekile ngokomoya. Futhi isimilo sabo, ungabatshele ngobungwele, nokuthi baphile kanjani, abakunaki nakancane lokho, kube sengathi awukushongo ngisho. Aku...Abaqondi ukuthi indodana nendodakazi kaNkulunkulu ifanele iziphathise okwendodana nendodakazi kaNkulunkulu, bafanele basiqonde isikhundla sabo, hhayi ukuqophisana, ukulwa, ukukhathazeka, ukuqhubeka, ukubamba amagqubu.

¹⁸³ Lapha esikhathini esedlule eningizimu lapha, babevamise ukuthengisa amakhaladi abe yizigqila. Futhi babewathengisa ngezinqwaba, njengoba ubungenza ezimotweni nje, izimoto ezezike zasetshenziswa, uthole incwadi yokuzithengisa. Akukaze kulunge. Kwase kuthi-ke ngenkathi...Ngoluny’usuku kwakukhona othenga athengisele abanye ofikayo, futhi wayefuna ukuthenga izigqila epulazini. Futhi babethenga amadoda amakhulu futhi bawazalanise kwabesifazane abakhulu, futhi benze izigqila eziqatha kakhulu ukudonsa izinqola zabo, namageja, nezinto, futhi benze umsebenzi wabo. Futhi ngoluny’usuku othenga athengisele abanye wafika, wayesethi, “Unezigqila ezingaki na?”

Wathi, “Ngingekhulu, noma amabili.” Wathi, “Ake uzibuke.”

¹⁸⁴ Waziqaphela zonke, zazikude namazwe azo endabuko, futhi babedingeka bazibhaxabule, nakho konke, ukuzenza zilalele, futhi, ngoba zazidabukile, zazazi ukuthi zazingasophinde zibuyele ekhaya, zaziyofanele zife lapha ezweni ezingalazi, futhi zazingasophinde zibuyele ekhaya.

¹⁸⁵ Kodwa baqaphela insizwa eyodwa, babengadingi ukuba bayibhaxabule, mfana, yayiqhunsule isifuba sayo, isilevu sayo sibheke phezulu, yayihlala njalo isohambweni. Lowo othenga athengisele abanye wathi, “Ngingathanda ukuthenga lesosigqila.”

Wathi, “Kodwa asithengisi.”

Wathi, “Kungani singathengisi na?” Wathi, “Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?”

Wathi, “Qhabo, siyisigqila.”

Wathi, “Usiphakela ngokwehlukile kunoma uphakela zonke ezinye na?”

Wathi, “Zonke zidla emkhunjini wempi, ndawonye.”

Wathi, “Yini esenza sehluke kakhulu kangaka kunezinye izigqila na?”

¹⁸⁶ Nomnikazi wathi, “Bengizibuza lokho isikhathi eside, kodwa ngelinye ilanga ngathola. Ngale ezweni lendabuko, lapho sivela khona e-Afrika, uyise uyiNkosi phezu kwesizwe. Futhi nakuba singowezizwe, futhi sikude nezwe lakubo lendabuko, sisaziphatha njengendodana yeNkosi.”

¹⁸⁷ Mm! Besifanele siziphathe kanjani na? Njengamagwala na? Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu! Singabafokazi, singabahambi nezihambi lapha, kodwa sibuyela emuva phezu kweZwi likaNkulunkulu. KungokwaKhe... Singamadodana namadodakazi eNkosi, angeke siqambe amanga, sintshontshe, siphuze, sibheme, siqhubeke kanjalo, abesifazane abafanele bagunde izinwele zabo futhi baziphathise okwabesifazane basemgwaqeni, bagqoke lolohlobo lwezingubo, singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, amadodana eNkosi namadodakazi eNkosi. Leli akusilo izwe lakithi, siyofela kulelizwe ngolunye usuku, kodwa sisendleleni yethu eya eKhaya. Asiziphathise okwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Kunjalo.

Futhi *inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma...*
ngosuku lokwahlulela futhi isilahle lesisizukulwane;
ngoba *yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa*
ukuhlakanipha kukaSolomoni; futhi, bhekani, lapha
kukhona omkhulu kunoSolomoni.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

Ngingumntwana weNkosi!
Ngingumntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

UBaba wami ucebile ngezindlu nomhlaba,
Uphethe ingcebo yezwe ezandleni zaKhe!
Yamarubi namadayimane, yesiliva negolide,
Amabhokisi akhe agcwele, Unengcebo
engakhulumekiyo.

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

¹⁸⁸ Uma ungesuye umntwana weNkosi futhi ungathanda ukuba nguye kulobusuku ukuba uze ujoyine izikhundla eMzimbeni kaKristu ofihlakele, futhi uMemukele njengoMsindisi womuntu

siqu, ugcwaliswe ngoMoya, ungaziphakamisa izandla zakho, bese uthi, “Ngikhulekele Mfowethu Branham”?

¹⁸⁹ Anginaso isikhathi sokwenza ukubizela e-altare lapha, ngifuna nje ukwazi ukuthi ningathanda yini ukuba nginikhulekele. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu anibusise, macala onke esakhiweni. UNkulunkulu anibusise. Izandla eziningi, idazini noma amabili, ziphakamile. Kanye futhi manje ngenkathi uMoya oNgcwele ekucwilisa ekujuleni enhliziyweni yabo:

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

¹⁹⁰ Baba Nkulunkulu, kwakunguWe owathi iNdlovukazi yaseNingizimu iyovuka, futhi kulesisicaphuno sokugcina eyolahla isizukulwane, noJonase, esibi nesizukulwane esifuna isibonakaliso. Sinabo namhlanje, Baba, angeke nje baLikholwe ngendlela OwaLiloba ngayo, bathi, “Ake ngikubone wenza okuthize. Ngikhombise isimangaliso. Ngikhombise *lokhu*.” Abaqondi ukuthi umoya ophakathi kwabo ubulokhu usezansi eminyakeni kubantu.

Bathi eNkosini yethu, “Sikhombise isibonakaliso, sifuna isibonakaliso.”

Wathi, “Sonke lesisizukulwane esibi siyokwemukela isibonakaliso, isibonakaliso sokuvuka.”

¹⁹¹ Sijabula kakhulu kulobubusuku. Nalesosibonakaliso Ayekhuluma ngaso ngaleyonkathi ngoJonase, yona impela into abathi WayenguBelzabule, ngoba Wayekwazi ukwehlulela imicabango yenhliziyo yabo, sona impela isahluko esifanayo sathi Wabona imicabango enhliziyweni yabo, futhi bathi Wayengudeveli. Futhi Wabatshela ukuthi yafika kanjani iNdlovukazi yaseNingizimu yonke indlela ivela eSheba ukuzozwa u—ukuhlakanipha kukaSolomoni, nomkhulu kunoSolomoni wayelapho.

¹⁹² Futhi manje, namhlanje leyoNkosi uJesu efanayo ovukileyo iphakathi kwethu, esimweni sikaMoya oNgcwele, kanye nathi lapha, ingena kithi, yenza izinto ezifanayo. Futhi isizukulwane esibi, isizukulwane esiphingayo, siganwa, sendiswa, izinkantolo zesahlukaniso, impendukezelo, ucansi oluphendukezelwe, zonke izinhlobo zobubi: “Sikhombise isibonakaliso.” Uyakwenza, ukuvuka, kodwa abayikukukholwa, Baba.

¹⁹³ Manje, laba phakathi lapha, futhi njengoba ngishilo ngesi—sigqila esiyikhaladi, ukuthi sasingafanele kanjani ukuba sibhaxabulwe, qhabo, akunandaba ukuthi kwakunzima kanjani kuso, sasisalokhu sazi ukuthi sasiyi—yindodana yeNkosi, sagcina ukuziphatha kwazo zonke ezinye kuphezulu ekuziphatheni kwaso uqobo, futhi, Baba, makuthi thina,

njengamaKristu, labo abaqinile kuKristu, siziphathise okwabantwana bakaNkulunkulu, sikhulume njengabantwana bakaNkulunkulu, siqinisekile eZwini likaNkulunkulu, sazi ukuthi uMoya oNgcwele usenzeleni.

¹⁹⁴ Izandla eziningi ziphakamile, ukuthi bebefuna ukuMemukela njengoMsindisi oqondene nabo futhi babe ngumntwana waKhe. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi kulomugqa womkhuleko, ndawondawo, lapho, noma, ndawondawo emhlanganweni, ukuthi Uzokhombisa lesosibonakaliso sokuvuka Owasethembisa ngoJona. Futhi kwangathi lelohora, noma, ngalomzuzwana, kwangathi amandla kaNkulunkulu angababeka uphawu enhliziyweni yabo ngoMoya oNgcwele futhi ubenze amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ukuthi isimilo sabo siyoguqulwa, izifiso zabo, nezimpokophelo zabo, nezinjongo, nayo yonke into empilweni yabo iyoguqulwa. Siphe khona, Nkosi.

¹⁹⁵ Silindele kakhulu kuWe, inkonzo ingeyaKho, iseGameni laKho, futhi silindele ukubona ukuthi Uzokwenzani. Sindisa laba Nkosi, ungabavumeli basuke kulesisakhiwo, kulobubusuku ngaphandle kwensindiso. Siphe khona, Nkosi.

¹⁹⁶ Kwangathi bonke bangagwaliswa ngoMoya oNgcwele. Futhi kwangathi lokhu kungaba uvuthondaba lwempilo yabo, khona manje, ukuthi bazosuka kulesisakhiwo kulobubusuku, nabanye abaningi abangaziphakamisanga izandla zabo, bethokoza, bethi, “Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na? Futhi siyazi ukuthi uJesu uvukile kwabafileyo, ngoba siMbonile ephulukisa abagulayo, futhi enza khona impela Athi Uyokwenza ngezinsuku zokugcina. SiyaMemukela ngokuzithoba.” Siphe khona, Baba. EGameni likaJesu, siyakhuleka. Amen.

NgoJesu uMsindisi wethu,
O, singumntwana weNkosi!

Ningaziphakamisa izandla zenu, futhi nilicile kanye nami kanye na?

Ngingumntwana weNkosi!
Umntwana weNkosi!
NgoJesu uMsindisi wami,
Ngingumntwana weNkosi!

Anijabule na?

INyanga enkulu manje iseduze,
UJesu onozwelo;
Ukhuluma kweziyethile . . . ,
O, yizwa iPhimbo . . . Jesu,

Inothi elimnandi kunawo onke . . . iculo
leserafi,
IGama elimnandi kunawo onke kofayo . . . ,

Iculo lomculo elimnandi kunawo onke ake
 aculwa,
 NguJesu, uJesu obusisiwe.

Akamangalisi na? Manje ngenhlonipho yokuzithoba, wonke umuntu. Futhi manje, umnyuziki, uma uzoqhubeka njalo nalokho, Dadewethu Anna Jeanne.

¹⁹⁷ Ngikholwa ukuthi uPaul ungitshelile, ngikholwa ukuthi unikeza amakhadi angamashumi amahlanu, bekungenjalo, Bill na? Amakhadi omkhuleko u-B, ethatha amadala, futhi ebanika amasha, ukuze ngingadideki.

¹⁹⁸ Manje, amakhadi omkhuleko angamashumi amahlanu, manje kulobubusuku ngeke siqale, sizokhulekela abagulayo nje. Siyakholwa ukuthi kulomugqa womkhuleko...Ngifuna ukubakhulekela bonke, ngifuna wonke umuntu akhulekelwe. Futhi ngakho, manje sizobiza labobantu phezulu lapha.

¹⁹⁹ Ikhadi lomkhuleko...Njengoba ngibiza inombolo yakho, uzoma na? Ukuze kuthi uma umuntu othize esifanele simsize ngakhona, ngani, singabayisa emgqeni. Ikhadi lomkhuleko lokuqala, ubani onalo na? Uqinisekile ukuthi ubuqinisele na? Ikhadi lomkhuleko lokuqala na? Yiluphi—yiluphi uhlamvu na? U-B, wokuqala. Unalo, nenekazi na? Yehlela lapha ngqo. (Thola isihlalo bese uhlala phansi lapho, Billy, okwe...)

²⁰⁰ Elesibili. Ubani onekhadi lomkhuleko lesibili, ungasiphakamisa isandla sakho na? Inenekazi lapha. Elesithathu. Ngisize, omunye umuntu, Mfowethu Palmer, qaphela isandla sabo. Phakamisa isandla sakho uma ungakwazi, lapho ngibiza inombolo yakho. Elesithathu. Lendoda lapha. Elesine, elesihlanu. Khuphuka nje ngqo, vele uthathe indawo yakho. Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi.

²⁰¹ Ngokwejwayelekile, uma sizoba nomugqa wokubona okufihlakele, ngizama njalo nje ukweqa futhi ngiqale emashumini amabili, noma amashumi amathathu, noma ndawondawo kanjalo, kodwa ngalendlela akwenzi mehluko, ngoba si—sizokhuleka phansi ngqo ngomugqa, ngoba ngizozama ukubakhulekela bonke.

²⁰² Ishumi, ishumi nanye. Ngisize manje. Ikhadi lomkhuleko leshumi nanye, eleshumi nanye. Unalo na? Ishumi nambili. (Bhekisani lapho.) Ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nantathu, ishumi nane, ishumi nanhlanu, ishumi nanhlanu. Kulungile. Ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa. Kufanele ukuthi ukhona umuntu olitholile wayeseya ekhaya. Uthini na? Ngakulendlela na? Kulungile, sizoqala khona lapha-ke. Sikuhambise kahle...Hhe? O, ya. Ishumi nesikhombisa, kulungile, khona lapha. Ubani oneshumi nesikhombisa na? Akekho na? Khumbulani ngilibizile. Ishumi nesishiyagalombili,

ishumi nesishiyagalolunye, amashumi amabili, amashumi amabili-nanye.

²⁰³ Vele ume khona lapha aze alungele wena, ngena lapha ngqo. Amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu, amashumi amabili-nesithupha, amashumi amabili-nesikhombisa, amashumi amabili-nesishiyagalombili, amashumi amabili-nesishiyagalolunye, amashumi amathathu. Angilibonanga elamashumi amathathu. Ikhadi lomkhuleko lamashumi amathathu. Amashumi amathathu. Niyalibona na? Wonke umuntu ukhuluma isiNgesi lapha, ngiyacabanga, isiFulentshi noma isiNgesi.

²⁰⁴ Ukhona owaziyo uma ekhona okhuluma isiFulentshi, noma okuthize na? Amashumi amathathu, amashumi amathathu. o, unalo na? O, angiqaphelanga, ngixolele. Amashumi amathathu-nanye, amashumi amathathu-nambili, amashumi amathathu-nanye, amashumi amathathu-nanye, amashumi amathathu-nambili. Yilokho-ke. Amashumi amathathu-nantathu. Yileyondlela. Amashumi amathathu-nantathu, amashumi amathathu-nane, amashumi amathathu-nanhlanu, amashumi amathathu-nesithupha, amashumi amathathu-nesikhombisa, amashumi amathathu-nesishiyagalombili, amashumi amathathu-nesishiyagalolunye, amashumi amane.

²⁰⁵ Yilokho-ke, umugqa ngqo phezulu lapha. Niyabo? Wozani ngapha wonke umuntu manje, wozani nidabule lapho. Niyabo? Uma ushiya...Kulungile, amashumi amane, amashumi amane-nanye, amashumi amane-nambili, amashumi amane-nantathu, amashumi amane-nane, amashumi amane-nanhlanu, amashumi amane-nesithupha. Angilibonanga, ulibonile na? Amashumi amane-nesithupha, ya, amashumi amane-nesithupha, amashumi amane-nesikhombisa, amashumi amane-nesikhombisa, amashumi amane-nesishiyagalombili. Kulungile. Amashumi amane-nesishiyagalolunye, amashumi amahlanu, amashumi amahlanu. Ngabe ngilibonile na? Amashumi amahlanu, amashumi amahlanu. Ngabe lokho...? Lokho bekuyiwo wonke, bekungenjalo na? Kulungile. Impela.

²⁰⁶ Kulungile, manje, besashaya umugqa lapho bebiza amagama abo—abo, futhi bebamisa umugqa e—e... uma omunye ezobasiza ezansi lapho ukuthola abantu babamise umugqa. Lona umugqa omude womkhuleko, sizothatha isikhathi sethu nje, futhi sikhulekele ngamunye. Manje, manje hloniphani ngokuzithoba ngempela wonke umuntu besamisa imigqa yomkhuleko.

²⁰⁷ Manje ngingathanda ukusho lokhu kini: Manje, bangaki owaziyo ukuthi akukho-muntu ongakuphulukisa na? Bangaki owaziyo ukuthi ukuphulukisa kungukuthi, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungumsebenzi osuqediwe kaNkulunkulu eKalvari na? Niyabo? Futhi kwesekeleke phezu kokuthi “noma

ubani othandayo angeza, futhi emukele ukuphulukiswa kwabo ngokukholwa,” kukholweni. Ngabe kunjalo na? Ngokukholwa uyakukholwa.

²⁰⁸ Manje, abanye abantu uneziphiwo, njengomshumayeli omuhle ngempela, angenza, athathe leloZwi likaNkulunkulu, futhi nje aleneke lapho *kanjalo*, esinye isazi sezenkolo esikahle, futhi singakwazi, leso yisiphiwo sokuphulukisa, bangakwenza ukubone ngeZwi. Manje, ngeke ngakwenza lokho, ngoba nje a—angisuye umshumayeli kangako.

²⁰⁹ Ngakho, khona-ke a—angikwazi ukukwenza ngaleyondlela. UNkulunkulu ukubonile ukungazi kwami kwalokho, ngakho-ke Wanginika enye indlela yokunibonisa khona, Wangipha isipho ukubonakalisa ukuvuka kweNdodana yaKhe uJesu, ngalokho ningakholwa. Leyo yindlela enhle, akunjalo na? Ukukholwa eNdodaneni kaNkulunkulu. Akunjalo lokho na? Futhi lapho wenza lokho, khona-ke uzo—uzo—uzophulukiswa. Manje, uma Engafakazisa ukuthi Ulapha...Bangaki okuqondayo lokho manje na? Ake sibone.

²¹⁰ Ngibheke nje into ethize ukuba yenzeke kulomugqa womkhuleko, kulobubusuku, angazi ukuthi kungani, e-e. Nje ngi—nje ngizizwa ngikahle ngempela, ukuthi ngi—ngiyezwa ukuthi—ukuthi kukhona okuzokwenzeka.

²¹¹ Yebo, abantu abakhubazekile, kumbe noma yini, babahlalise nje khona lapha, njengezihlalo, kanjalonjalo, ngizo—ngizokwehla, ngibakhulekele, mnumzane.

²¹² Ngifuna ukubeka lezi phezulu lapha, ngiyathanda ukuzwa ugcobo lukaMoya kuqala, ngaphambi kokuba ngi—ngikhulekele lezizindwangu nezinto. Manje, ngifuna nihloniphe ngokuzithoba ngempela. Futhi nje, manje, angi...Lapho ngiqonde ukuhlonipha ngokuzithoba...Niyabo, lapho uMoya oNgcwele ukhuluma... .

²¹³ Manje, bonke lababantu kulomugqa womkhuleko bayizihambi kimi, angi—angiboni-muntu ngalapho engimaziyo. Ngabe uMfowethu Babbs uphakathi lapho na? Yebo, uMfowethu Babbs usemuva lapho, ngiyamazi. Ngiqagele, niyabona noma ubani phakathi lapho engimaziyo na? Inenekazi linqekuzisa ikhanda lalo lapho ebengilazi, ngakho ngi... .Ngabe ngiyakwazi lapho, nenekazi na? Ng...O, ngakukhulekela. Ngiqonde ukuthi, ngi...Awu, ngiyakwazi lokhu: Angazi lutho ukuthi yini engalungile ngawe. Anginamqondo wokwazi ukuthi yini engalungile kuwe, impela. Kodwa uNkulunkulu uyazi, Akazi na? Ngakho yilokho esicabanga ngakho.

²¹⁴ Manje, ezethamelini, ngiqagele onke amakhadi omkhuleko limi lapha emgqeni, nina ezethamelini ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi nokho uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa futhi akusindise, bangaki okukholwayo lokho na? Manje, kwangathi uNkulunkulu angapha khona.

215 Manje, masingajahi, wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba. Manje, ngalomugqa womkhuleko, cishe kuzothatha cishe imizuzu engamashumi amabili ukuthola umugqa womkhuleko wedlule. Bese kuthi-ke lapho sikwenza, angifuni nje ukubedlulisa ngibeka izandla phezu kwabo, ngifuna ukubakhulekela. Ngizo. . . Ngi—ngi—ngikholwa ukuthi yileyondlela uma mina, uNkulunkulu uzongivumela ngikwenze. Kodwa ngifuna nazi manje, ngaphandle kwanoma yikuphi ukubona okufihlakele, uMoya oNgcwele ulapha, noma kanjani.

216 Lapha esikhathini esingeside esedlule kwakukhona indoda emhlanganweni othize nje yayingakholelwa ekufundiseni kwami eBhayibhelini. Futhi iya emhlanganweni, umfo othize wakwenza, futhi engazi ukuthi ngiyazi ngakho, ngoba wayengengaphezu kokukusho, futhi ngangikubona embonweni egumbini lami lasehhotela. Angiboni ukuthi abanye abantu bangakwenza kanjani lokho, futhi bakhuphuke, futhi basho lezizinto, ube wazi ukuthi wazi kangcono. Niyabo?

217 Ngakho, wathi, “Manje, uMfowethu Branham ungumprofethi weNkosi,” wathi, “kodwa ningakulaleli ukufundisa kwakhe, ngoba unephutha.”

218 UMoya oNgcwele ofanayo oshumayele inkonzo kulobubusuku, uMoya oNgcwele ofanayo ushumayela zonke lezizinto, nguMoya oNgcwele ofanayo owahlulela imicabango yenhliziyu. Impela.

219 Luyini uphawu lomprofethi na? Ungumhumushi ngokukaNkulunkulu weZwi lobuNkulunkulu. Kunjalo impela. “IZwi leNkosi leza kumprofethi.” Yilowo Elafika kuye, hhayi usiyazi wezenkolo, umprofethi. Niyazi ukuthi *mprofethi* kusho ukuthini na? Thatha isichazamazwi bese ubuka futhi ubone ukuthi kuchaza ukuthini: “Umhumushi weZwi lobuNkulunkulu.”

220 Bese-ke ufika futhi usho into enjengaleyo! Niyabona ukuthi kanjani. . . ? Abantu bavele bathande kakhulu *ukusonta*, baze bangabe besamazi uNkulunkulu. Yilokho-ke. Yilokho okusenza sibe *ngumnyuzi* kakhulu. E-hhe. Kungukuthi nje, ufuna ukubuyela kulesosigaba sokwangempela, ukukholwa kukaMoya oNgcwele kwangoqobo.

221 Ya, ngibona indoda eyodwa engiyaziyo, lomfowethu oyiBaptisti ohlezi ngapha, uMfowethu Daulton. Ngifuna ukusho okuthize. Ngilindele, Mfowethu Daulton. . . Uyabona ukuthi ngibamiselani emqeni lapho.

222 Bangaki abezwa indaba yezingwejeje nezinto na? Nonke nezwa ezansi lapha, ngiqagele, kanjalonjalo. Inkonzo entsha iyabambelela empilweni yami, yilokho enginakho lokhu lapha kulobubusuku ukuba ngikuzame. Ngikubonile kwenzeka cishe kathathu noma kane. Okokuqala ukuba kuze kwenzeke, esidalweni esifayo; okwesibili kwenzeka kwakukulomfowethu

oyiBaptisti ohlezi ngapha. Umi lapho ebandleni, abantwana bakhe beyinjeane, benganaki njengoba bebengaba njalo. Futhi wayekade, sasikade sikhulekela abantwana bakhe, khona manjalo lowoJehova-Jira ofanayo waphenduka, ngathi, “Ngikunika abantwana bakho, eGameni likaJesu Kristu.”

²²³ Ngicabanga ukuthi bonke basindisiwe manje, bonke, bonke basindisiwe, bonke. Umfowethu ohlezi khona lapho ovela eWillow Shade, noma eSomerset, akusiyo iKentucky. Omunye phakathi lapha, omunye wenu maBaptisti ufuna ukubona umshumayeli ongumBaptisti onoMoya oNgcwele na? Sukuma umzuzu nje, Mfowethu Daulton. Nango umshumayeli weKentucky Baptisti onoMoya oNgcwele. Akumangalisi na? Impela kunjalo.

²²⁴ Kulungile. Manje asihloniphe ngokuzithoba ngempela. Mfowethu Brown, ngabe wena...? Noma, abanye benu sizani ngakululuhlangothi lomsamo. Manje nina eningenawo amakhadi omkhuleko, hloniphani ngokuzithoba ngempela, thulani ngempela manje, wonke umuntu. Manje, uma iNkosi yenza okuthize, futhi ufuna ukuYidumisa, kulungile, kodwa, niyabo, gcina isikhundla sakho nje, qhubeka ulindle, hlala ulindele. Wena phandle lapho manje, ongenalo ikhadi lomkhuleko, mhlawumbe uMoya oNgcwele ubungathi, “Phenduka.”

²²⁵ Bangaki abangakaze babe komunye walemihlangano ngaphambili na? Ake sibone izandla zenu. Akukaze kube se... Awu, he, he! Ngigagele ku... Nisawuqonda umhlangano, inkonzo yami na? Kungukuthi, awukaze ube kowodwa, kodwa nokho uyakuqonda na? Phakamisani izandla zenu. Awu, lokho—lokho kulungile-ke, a—awu... Uyaqonda.

²²⁶ Niyabo, akusimina, kodwa uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, ungumPristi oMkhulu wokuzisho kwethu, ukuvuma, into efanayo, ehlezi ngakwesokunene sobukhosi bukaNkulunkulu, ehlezi lapho, enza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Ngabe kunjalo na? Kuqala, sifanele sivume ukuthi Ukwenzile, khona-ke Uqala ukwenza ukunxusela.

²²⁷ Futhi UngumPristi oMkhulu ongathintwa yini na? Ukuzwelana nobuthakathaka bethu. Khona-ke uma singaMthinta ngobuthakathaka bethu, futhi UngumPristi oMkhulu ofanayo izolo, namuhla, naphakade, Ubengeke yini enze ngendlela efanayo na? Ngabe kunjalo na? Manje-ke Wenza kanjani ngenkathi owesifazane eMthinta na? Waphenduka, wamtshela ngomopho wakhe, futhi wamtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

²²⁸ Bangaki khona lapho ocabanga ukuthi unakho, ogulayo ocabanga ukuthi unokukholwa okwenele ukuMthinta, asibone izandla zenu, ndawo zonke, ukuthi niyagula. UNkulunkulu akubusise.

229 Ngi—ngiyakholwa, asi, kulungile, ake sibe noyedwa nje, ukuze sikwazi ukuqala, lologcobo. Uma nje kungumuntu oyedwa, nonke ngeke nisho lutho, qhubekani nje. Ngabe kunjalo na? Ngifuna ukuthola ugcobo kuqala, ukuze abantu bezoqonda.

Lona wesifazane lapha, ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, siyizo, nenekazi na? Asazani.

230 Kulungile. Nanti inenekazi eliyisihambi kimi. Sazalwa ngamamayela ngokwehlukana, iminyaka ngokwehlukana, futhi lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuba size sihlangani empilweni, ngokwazi kwami. Lithi liyizihambi, noNkulunkulu uyazi ukuthi angilazi. Kukhona into ethize owesifazane ayizele lapha, kungahle kube yinkathazo yasekhaya, kungahle kube yinkathazo yezezimali, kungahle kube ukugula, kungahle kube ngokomunye umuntu, angazi.

231 Kodwa lesi yisibonakaliso, njengoJohane oNgcwele 4, ukukwenza kube ngokomBhalo kini, owesifazane nowesilisa behlangana okokuqala emhlabeni. UJesu wakhuluma nowesifazane imizuzu embalwa nje ukuthola, ukubamba umoya wakhe. Bangaki okwaziyo lokho na? Wakhuluma naye mayelana nokwehlukana, wathi, “Akulungile ukuba ucele kimi umSamariya, kodwa, ube nanoma yikuphi ukusebenzelana omunye nomunye.”

Kodwa ngenkathi Ethola inkathazo yakhe, Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho, futhi uze lapha.” Futhi Wamtshelela.

232 Wayesethi, “Mina, Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Obizwa ngoKristu, nxa E, siyazi Uyeza, nxa Efika leso kuzoba yisibonakaliso saKhe.”

233 Bangaki okwaziyo lokho, iBhayibheli lifundisa lokho na? Awu, uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, bekungeke kube yisibonakaliso esifanayo namhlanje na? Nakhu lapha esikhona, sibabili ndawonye, asikaze sihlangani ngaphambilini.

234 Manje, uma Ezomtshelela ukuthi bekuyini, manje, uzokwazi noma ngabe kuyiqiniso noma qha, ukuthi yini engalungile ngaye, noma ukuthi uze ngani lapha, into ethize engingayazi, noma ngabe kuyini, khona-ke uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, khona-ke impela, ubeyokwazi, wonke umuntu ubeyofanele azi ukuthi bekungavela emandleni okomoya athize. Ngabe kunjalo na? Ngoba ayikho indlela kimi yokwazi owesifazane, angikaze ngimbone, akangazi, futhi simi lapha.

235 Nani phandle lapho, anginazi, kodwa uNkulunkulu uyanazi, futhi Wethembisa ukwenza lokhu. Akakwenzi lokhu ngoba nje U—Ufuna ukunikhombisa ukulunga kwaKhe, Ukwenza ukugcwalisa iZwi laKhe. UJesu waphulukisa abagulayo, hhayi ngoba Wayefanele, kodwa ngoba Wayefuna ukugcwalisa iZwi. Kunjalo impela, yingakho Akwenza, “ukuze kugcwaliseke

okwakhulunywa ngomprofethi.” Futhi lokhu kungukuthi, kungahle kugcwaliseke okwakhulunywa nguJesu, ukuthi Uyokwenza ngalezizinsuku zokugcina.

²³⁶ O, besifanele sidilize isakhiwo, kubukeka kanjalo, ngenjabulo. Niyabo? Kodwa sisalokhu sinyakazisa izinsimbi ezincane, futhi sigqolozela, niyabo.

²³⁷ O, udumo! Mm! Lokho nje, lapho *lokho* kukhuphuka, uyakuzwa, *kuyinto ethize* nje, angazi.

Wena uthi, “Awukuzwa lokho.”

Ucabanga nje ukuthi angikuzwa, impela ngiyakuzwa.

²³⁸ Kulungile, dadewethu, izwi nje nawe, nje ukukhuluma nawe umzuzu. Ngolunye lwalezizinsuku sizohlangana noNkulunkulu, sizodingeka sizilande ngazo zonke izinto esake sazenza empilweni. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela into ethize oyizele lapha, noma *enye into ethize* empilweni yakho, awu, uyazi ukuthi kuqinisile noma qha, ungeke na? Bese kuthi-ke uma Ekwenza, uzokholwa-ke na? Uyazi bengingeke ngikwenze, ngoba angikwazi, uma Ezokwenza, khona-ke uzokholwa ukuthi ngamandla aKhe, uMoya waKhe okwenzayo na? Impela ubuyokwenza, lokho kuhle.

²³⁹ Ngenza lokhu, nje uku—uku—ukubamba umoya wakhe. Kunjalo impela. Silapha, izidalwa ezimbili ezingabantu, futhi lokhu kungokokuqala ngqa ukuhlangana, futhi wena ungumoya, nami ngumoya, uMoya oNgcwele ulapha uzama ukuthola inkathazo.

²⁴⁰ Yebo, mnumzane, ngiyabona ukuthi owesifazane unokungalungile ngani kuye. Unomdlavuzwa, nomdlavuzwa usesandleni sakho osimbozile, ungivimbela ukuba ngisibone, kodwa Uyawazi. Kunjalo. Kulungile, mnumzane. Unomfutho wegazi ophakeme, izifo ezelakanyanayo. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Manje, uyakholwa na? [Udade uthi, “Impela.”—Umhl.] Khona-ke ngilahla zonke izifo zakho, eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen. Hamba uye ekhaya, futhi uphile manje, uJesu Kristu uyakusindisa.

²⁴¹ Ngiyisihambi kulona wesifazane. Sazalwa, mhlawumbe, siqhelelene ngamamayela, neminyaka ngokwehlukana. Mncane kakhulu kunami, futhi lesi yisikhathi sethu sokuqala sihlangana-. . .Awu, linda bengingezukuba nalokho kubona okufihlakeleyo, kodwa bengizoqhubeka nje, kodwa, awu, ngaqala, ngingahle ngiqhubeka ne. . .Kulungile.

²⁴² Manje, nenekazi, uma ngizokwazi, ngoMoya oNgcwele, ukukutshela okuthize ngawe, into ethize owaziyo ukuthi angiyazi, khona-ke ungangemukela njengenceku yaKhe, futhi ukholwe ukuthi lowoMoya unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu na? Ubungakukholwa lokho na?

243 Akusuwe ngempela, ngomunye umuntu, ngowesifazane osekhulile, ngumama wakho, unesimila. Futhi ngiyakubona ubuka emafasiteleni ombukiso, kwenye indawo, ngike ngakubona ngaphambilini, kubukeka, yi-Arkansas, iFort Smith. Umama wakho ubesemihlanganweni yami ndawondawo, waphulukiswa phambilini. Kunjalo.

244 Umyeni wakho unokuthile okungalungile emehlweni akhe, akanjalo na? Ehlezi phandle lapha. Uzoba kahle manje. Wena unguNkk. Medcalf. Manje, buyela emuva nje, kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi uphiliswe.

Abanye benu phandle lapho abangenalo ikhadi lomkhuleko manje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uyakholwa na?

245 Nenekazi elikhulile, awunalo ikhadi lomkhuleko, kusobala awunalo. Uma . . . Angeke ngikuphulukise, mama. Yindodakazi yakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzongembulela ukuthi yini engalungile ngawe na? Uzokwemukela na? Yinkathazo yenhliziyi. Kunjalo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Phulukiswa, eGameni likaJesu. Hamba uye ekhaya futhi ukwemukele. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi, kholwa yizinto zonke.

246 Leyondoda ehlezi phandle lapho inethumbu elikhipha ubomvu, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokuphilisa, uma ungakwemukela na? Kulungile, mnumzane, phakamisa isandla sakho, ogqoke iyembe elimhlophe. Kuthe ukukumangaza ukuba nalokho kukholwa okungako, akukwenzanga na?

Inenekazi elihlezi emuva lapho, linesigqoko esincane, linezinhlungu zekhanda, awunjalo, dade na? Izinhlungu zekhanda ezihlabayo. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzokuphulukisa.

247 Manje, uyabo, awudingi ukuba ube phezulu lapha, ufanele ube nokukholwa kuNkulunkulu. Akunjalo na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, yilokho kuphela. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ungangabazi, kholwa, yiba nokukholwa, yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

248 Angiyazi lendoda, iyisihambi kimi. Kunjalo, mnumzane na? Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi izinkathazo zakho, uzokholwa kimi njengenceku yaKhe, ukholwe kuKristu njengeNdodana kaNkulunkulu na? Uzokwenza na? Unesifuba somoya, isimo sesifuba somoya. Nansi enye into engalungile, into enkulu ayilungile kuwe, awusuye umKristu, udinga uKristu ukuba abe nguMsindisi wakho, ngoba usibekelwe ebumnyameni. Uyamemukela uJesu njengoMsindisi wakho na? UzoMemukela njengoMsindisi wakho siqu manje na? Futhi Uzokuphululisa, futhi akuphilise. UzoMemukela na? Phakamisela isandla sakho kuYe, uthi, “Nkosi, ngiyakukholwa.” Uma uzokwenza khona manje, futhi ngayo yonke inhliziyo yakho, Uzokuphulukisa esifubeni sakho somoya. Isinqumo ngesakho.

²⁴⁹ Woza ngapha, futhi uhlale phansi, ukucabangisise umzuzu nje. Kholwa nge. . . UyaMemukela na? [Umfowethu uthi, “Yebo, ngiyamemukela.”—Umhl.] Khona-ke ngimemezela ukuthi wena uphulukisiwe, eGameni likaJesu Kristu. Hamba, ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ubiza iGama leNkosi.

Uyakholwa na?

Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa kulokho kwethuka na? Kulungile, qhubeka, phulukiswa.

Woza. Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa ngalesosifo sikashukela na? Hamba, futhi uphulukisiwe, uphiliswe.

Uyakholwa ukuthi isifo sakho sokuqaqamba kwamalunga omzimba sizobe sesihambile, futhi uNkulunkulu uzokusindisa na? Hamba, futhi uphulukisiwe, eGameni leNkosi.

Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzowuphulukisa lowomdlavuza na? Hamba, uphulukisiwe, eGameni leNkosi.

Uyakholwa ukuthi Uzowuphulukisa lowomdlavuza futhi akusindise na? Hamba, ukholwe, eGameni leNkosi, futhi uphiliswe.

²⁵⁰ “Uma ukholwa!” Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho wonke umuntu na? Wonke umuntu uyakholwa na? Kuthiwani uma ngingasho lutho kuwe, futhi nje ngibeke izandla zami phezu kwakho, uzosinda na? Lala. . . eGameni likaJesu Kristu, hamba, futhi uphulukisiwe. Amen. Kholwa.

Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na?

²⁵¹ Uyabo, usuvele uphulukisiwe, ngenkathi leyondoda emuva lapho iphulukiswa ngaleyonkathazo yomgudu wendle, okufana nethumba elikhipha ubomvu. Hamba, ukholwe, Mnu. Allen, uphiliswe, eGameni likaJesu Kristu.

Woza. Unenkathazo yesisu, noma ubunayo, hamba, udle. UJesu Kristu uye wa. . .

Uyakholwa manje na? Wonke umuntu makabe nokukholwa, kholwani ngayo yonke inhliziyi yenu.

²⁵² eGameni leNkosi uJesu, hamba, uphiliswe. Uthe ubungazi phandle lapho, futhi yingalesosizathu ngingashongo lutho. Ungahamba. Hamba, unokukholwa.

Baba Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi umfowethu angaphulukiswa. Amen.

“Lezizibonakaliso ziyakubalandela aba. . .”

UNkulunkulu uzophulukisa inkathazo yakho yezinso, s’thandwa, uzosinda, eGameni likaJesu. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

²⁵³ Buka lapha, s’thandwa. Inhliziyi yakho izoba kahle manje, futhi uzophila. Lokho kuyakusiza na? Kulungile, hamba futhi uphiliswe, eGameni likaJesu.

Ngiyayibusisa lendwangu, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Yiba nokukholwa.

Uyakholwa, dadewethu na?

Ngikhulekela udadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi uzophiliswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

Woza, udinga igazi, ukuphaphatheka kwegazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokunika i . . .

EGameni likaJesu Kristu, kwangathi ungakwemukela. Amen.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

Uyakholwa, mnumzane na?

EGameni likaJesu Kristu kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angakuphilisa. Amen.

Yiba nokukholwa manje, ungangabazi.

Mfowethu Babbs, woza lapha. Ubungumfowethu izinsuku eziningi.

²⁵⁴ Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, thumela izibusiso zaKho phezu kwalona, umngane wami othembekile, futhi umphilise, ngeGama likaJesu Kristu, ngiyabusisa. Wena Owawungafaka isithelo esizalweni sendodakazi yakhe, futhi uyiphe abantwana bayo abathandekayo, Ungafaka futhi ukuphulukiswa emzimbeni wakhe. EGameni likaJesu, siphe khona. Amen.

Buyela emuva, futhi uphile, mfowethu. UNkulunkulu akubusise.

Dadewethu Moore, kusobala, ngiyakwazi, futhi.

²⁵⁵ O Nkulunkulu oPhakade noLungileyo, Mdali wamaZulu nomhlaba, yipha izibusiso zaKho kulokhu, udadewethu. Ungena emsebenzini waKho, masinya, Nkosi, ngikholelwa ukuthi yena noMfowethu Jack bazobe bephandle emsebenzini waKho ngokuphelele. Manje ngicela ukuthi ubuthakathaka nezinto kusuke emzimbeni wakhe, futhi asinde, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Moore. Hamba, ukholwa manje. Ngikukholwa ngempela lokho.

“Uma ukholwa, konke kungenzeka.” Uyakukholwa lokho na?

Unokwethuka, awunjalo na? E-hhe. Ucabanga ukuthi indlebe yakhe izolunga, uzobakahle na? Kulungile, hamba ukholwa. Yiba nokukholwa.

²⁵⁶ O Nkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa udadewethu. Mphuluki, ngiyakhuleka eGameni likaJesu, naleli elikhulu, ibandla elinamandla elihlezi lapha phansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, libona

izibonakaliso ezenziwa nguSolomoni, futhi lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni, iNkosi uJesu uqobo lwaYo esimweni sikaMoya oNgcwele. Kwangathi lababantu bangalokothi bangabaze. Ngiyakhuleka, eGameni likaKristu. Amen.

Kholwa manje.

Nenekazi.

²⁵⁷ EGameni likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu, ngibeka izandla phezu komncinyane, futhi ngikhuza lodeveli e, iGama likaJesu, kwangathi angaphuma, futhi asinde. Amen.

Yiba nokukholwa manje, kholwa.

Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ngikhuza udeveli owenze lokhu kudadewethu! Kwangathi angaphulukiswa, eGameni likaJesu. Amen.

Woza, dade.

²⁵⁸ Baba Nkulunkulu, ngogcobo lwaKho lapha phezu kwethu, nanjengeBandla likaNkulunkulu elihlengiwe, sikhulekela udadewethu lomkhuleko wokukholwa, siyala lodeveli ukuba amshiye, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Nkulunkulu oPhakade, Jehova, woza ngamandla okuvuka kwaKho futhi uphulukise lona, udadewethu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

O Nkulunkulu oPhakade, susa ukwethuka kulona wesifazane omncane bandla, futhi umvumele ahambe futhi asinde, eGameni likaJesu. Amen.

Isizathu ngisho lokho, kukushiye khona lapho, niyabo. Hamba ukholwa manje, futhi kuzolunga.

Baba obusisiweyo, nezandla zibekwe phezu kwalona wesifazane, enogcobo lukaMoya oNgcwele lapha, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, eGameni likaJesu. Amen.

Kholwa manje, yonke inhliziyo yakho.

Jehova Nkulunkulu omkhulu, ngikhulekela udadewethu, kanye nalelibandla elinamandla, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Nkosi, nezandla zami zibekwe phezu kwezakhe, ngicela lesisicelo nalomkhuleko wakhe, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

Nkulunkulu oPhakade, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela izibusiso zaKho phezu kukadadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Baba, eGameni likaJesu Kristu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa lona wesifazane futhi umsindise ngokuphelele, ngokuvuka kukaKristu. Amen.

Baba waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, phulukisa lentombazanyana futhi uyenze iphile ngokuphelele ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

Nkulunkulu oPhakade noLungileyo, silindele ukubona isandla saKho esikhulu. Nyakaza O Nkulunkulu, futhi uphulukise udadewethu, eGameni likaJesu.

Nkulunkulu waPhakade, Mqalisi wokuPhila, busisa umfowethu, engimbusisa eGameni likaJesu, ngokuphulukiswa kwakhe. Amen.

Jehova-Jira, uMphulukisi, woza futhi ube nomusa kulona wesifazane omncane, ogula kakhulu. Kwangathi angaphulukiswa, eGameni likaJesu. Amen.

Ungakhathazeki manje.

²⁵⁹ Jehova Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu phulukisa lona, udadewethu, engimkhulekelayo. “Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo.” IBhayibheli lathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Wakwethembisa, Nkulunkulu, ngiyakukholwa, futhi ngiyazi ukuthi sigcotshiwe manje ngoMoya oNgewe. Amen.

²⁶⁰ Nkulunkulu waPhakade, busisa uDadewethu Schrader, futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomupha amandla okuqina sengathi akakaze abe nawo phambilini. Kwangathi angahamba esuka lapha, kulobubusuku, ngamandla noMoya kaMoya oNgewe, futhi aKukhonze zonke izinsuku zokuphila kwakhe. Thola inkazimulo ngaye, Nkosi, kodwa ufanee abe namandla, mqinise, Nkosi. Nalokhu ukwethuka okwenza lobububi kuye, ngiyakulahla, eGameni likaJesu Kristu.

²⁶¹ Dadewethu Schrader, eGameni leNkosi, akukho lutho olungalungile ngawe ngaphandle kwemizwa yakho, ngisho lokho eGameni likaJesu. Awunalo nelilodwa ichashaza leTB, nalutho, yimizwa yakho, futhi iyakwehlisa. Khuza lento, bese usuka uhambe, futhi uphile.

Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa. EGameni likaJesu. Amen.

Nkulunkulu oPhakade, ngibeka izandla phezu kwalona, umfowethu, eGameni likaJesu Kristu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

Busiswa, mfowethu.

Nkosi Nkulunkulu, Nkulunkulu wamabandla, ngikhulekela ukuthi Uzosiza lo omncane ozihluphekelayo, owesifazane obuthakathaka, futhi umnike amandla okuqina, futhi umphulukise, eGameni likaJesu. Amen.

Hamba ujabule, dadewethu.

EGameni likaJesu Kristu, ngibeka izandla phezu kwalendoda, futhi iphulukise. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

Nkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu futhi umphilise, enkazimulweni kaNkulunkulu. Amen.

Baba waseZulwini, ngibeka izandla phezu kukadadewethu futhi mphulukise. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba futhi aphilile. Amen.

Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kwalomfana omncane futhi ngicela ukuphulukiswa kwakhe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba futhi asinde.

²⁶² Nkulunkulu waseZulwini, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu futhi ngicela lokho, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi ukukholwa kwakhe ngeke kwehluleke, uzophulukiswa. EGameni likaJesu. Amen.

²⁶³ Nkulunkulu, lomama omncane ekhothamise ikhanda lakhe, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa. Nginikela lomkhuleko wokukholwa, yonke inhliziyoyami, ngaye. EGameni likaJesu, kwangathi angahamba futhi aphululiswe.

O Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, ngibeka izandla zami phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu, futhi ngicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu futhi ngicela ukuphulukiswa kwakhe. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁶⁴ Baba oPhakade noBusisiwe, Owabuyisa futhi uJesu kwabafuleyo, ngibeka izandla phezu komfowethu futhi ngicela ukuphulukiswa kwakhe. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

²⁶⁵ [Umfowethu uthi, “Sinodadewethu ohlezi laphaya, akakwazanga ukwenyuka, laphaya efake ibhantshi elibomvu.”—Umhl.] Inenekazi alikwazanga ukukhuphuka na? Elinye lamakhadi na? Uphi, lo ongakwazanga ukukhuphuka, enebhantshi elibomvu na? Yilelinenekazi elihlezi khona lapha na? Kulungile, ngizoza ngibeke izandla phezu kwakho uma ukholwa. Laba lapha, nabo.

Unalo ikhadi na? Khona lapha na? Yebo. Awunalo na? Inkathazo yezinso ikushiyele, empeleni, ngakho kholwa nje ngayo yonke inhliziyoyakho.

²⁶⁶ Hhe! Kuyaxaka, inkathazo yezinso, futhi. Niyambona lowodeveli ezama ukungena phakathi kwalabo besifazane ababili lapho, ngaleyonkathi nje na? Omunye waxwayisa omunye. Ngokushesha nje lapho ngikubalula, kwaqonda ngqo kulowo wesifazane lapho, kuza emuva naphambili, futhi ngabona lowomushwe omnyama uhola, futhi ngabona ukuthi inkathazo yakhe yayiyini, ubuya ngqo, futhi unento efanayo.

Ngokukhuluma ngokusobala, awunayo kuphela ingxenye yenso, eyangakwesokunxele ayisekho, eyakho yangokwesokudla iyingxenye kuphela. Yiqiniso lelo. Ufuna ukubuyela eningizimu usuka lapha, futhi uhambe kahle na? Uyafuna. Uzokwenza na? Kulungile, Nkk. Dobbs, ungabuyela ekhaya futhi uphulukisweke, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

EGameni leNkosi uJesu Kristu, ngibeka izandla phezu komfowethu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe, ngoJesu Kristu iNkosi yethu.

Nkulunkulu oPhakade noLungileyo, phezu kwekhanda likadadewethu ngibeka izandla zami, futhi ngicela eGameni likaJesu ukuphulukiswa kwakhe.

Nkulunkulu onesihawu noSomandla . . . 

60-1127E INdlovukazi YaseNingizimu
ELife Tabernakele
EShreveport, ELouisiana E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org